The Department will also be expanding the *Tiisa Thuto* programme to 15 more schools in districts such as Obonjeni, which were not catered for in this programme in the previous financial year.

In May this year, we will be convening a Provincial School Safety and Security Indaba at which all stakeholders will be afforded an opportunity to make inputs that will contribute to making our schools safe spaces for learners and educators. Only a combined effort by people from all walks of life will get us closer to crime-free schools.

Our peace pledge, launched at our provincial prayer rally for peace at Esikhawini two weeks ago, will be taken to all schools in the province. Learners and teachers are expected to sign the pledge and commit themselves to promoting respect for each other, peace, security and the dignity of fellow learners and teachers. This will later be rolled out to parents and all communities.

## ***Building bridges and roads project***

We are working closely with the Department of Transport to provide access roads and bridges to some of our inaccessible schools. We provided the Department of Transport with a database which indicated the condition of access roads to all schools. The Department of Transport has since allocated an amount of R82 million for upgrading roads and constructing pedestrian bridges, including access roads and bridges to schools, for the 2006/2007 financial year.

This will relieve the burden of walking to school over rough terrain for thousands of children in rural areas. A joint task team is being established between the Departments of Education, Transport and Works and we appreciate this cooperation.

## ***Human Resource Management***

The 2007/08 budget will allow the creation of 2 000 posts to be allocated for the provision of substitute educators at any given time. In addressing the need for curriculum transformation at previously disadvantaged schools we have created a further 955 posts for curriculum redress.

A total of 455 posts have been created for the Grade R sector. These posts will be allocated to previously disadvantaged schools, as they were not afforded this luxury under the old dispensation.

To address the shortage of educators in subjects such as Mathematics, Physical Sciences, Travel and Tourism, Accounting, Economics, Business Economics, Technology, Computer Studies and Biology, we are recruiting retired teachers. To date the Department has registered 427 applicants. These educators will be appointed on a contractual part time basis where required.

As a long term proactive strategy, the Department is planning for the placement of teacher assistants in the Foundation Phase. The teacher assistants will relieve the Permanent Foundation Phase teachers of approximately 40% of classroom management actions which are not necessarily direct teaching input. Foundation Phase learners will benefit from increased individual attention, thus laying a sound literacy and numeracy foundation at an early crucial stage. It will set learners on a firm path towards readiness to excel.

The Department is also deploying teacher assistants in critical gateway subjects. The Senior Certificate teacher assistants will be recruited from retired teachers, unemployed university graduates and even retired lecturers for that matter. This intervention is aimed at providing excellence.

## ***National School Nutrition Programme***

The National School Nutrition Programme will include special schools and Grade R learners in registered community-based sites in 2007/08. Based on what we have learnt from this programme we will be increasing, with effect from the new financial year, the number of learners served by each Cooperative to 6 000 in order to ensure that the Cooperatives begin to make some profit from their endeavours. During the year 2007/2008 all primary schools in quintiles 1 and 2, special schools and community based ECD sites that are in nodal areas will participate in the Programme.

For the first time in history all schools with learners with special educational needs will have the opportunity to join the programme. 25 new LSEN schools will benefit in the 2007/2008 financial year in addition to the 16 that are already participating in the programme. The remaining LSEN schools are either boarding schools or day schools that did not indicate in writing that they wanted to be involved in the scheme.

Through the sustainable food production programme in partnership with the Departments of Agriculture, Health, Welfare and ELITS (an NGO), 85 schools have been selected to participate in this Flemish funded project.

The invoices for the March expenditure in respect of the National School Nutrition Programme are only received and processed during April, which falls into the next financial year, thus falling outside of the grant allocated for a particular financial year. The Department is investigating solutions to this perennial problem.

## ***Public Special School Education***

This financial year will bring great relief for parents of learners with special needs. For the first time in history the Department will provide transport for these learners. They are the most vulnerable and need special protection. R20 million has been put aside for this purpose.

We have increased the budget for this programme to address the uneven distribution of special schools in the province. The planning for three new special schools for delivery in the 2008/2009 financial year in Hlabisa, Msinga and Eshowe has already started.

In line with our plan to convert ordinary schools and special schools into inclusive centres of learning, we will convert two schools in the 2007/2008 financial year into full service schools, as well as renovating nine LSEN schools.

## ***Further Education and Training***

The Department has nine FET institutions and 74 delivery sites in the province that offer a wide range of programmes in order to respond fully to the needs of the communities, commerce, industry and macro-economic initiatives in KwaZulu-Natal. To this end, more linkages and partnerships between FET colleges, industries, business, the Department of Labour, the Sector Education and Training Authority (SETAs) and the Departments of Finance and Economic Development are critical to ensure that colleges provide a range of learning programmes which are responsive to the labour market and cover diverse needs. Furthermore, the outreach programme was extended and a number of new Skills Training sites are being developed to increase access to training in selected rural areas.

## ***Early Childhood Development***

The Department is currently developing a Strategy for Grade R Roll-Out aimed at meeting the 2010 goals articulated in White Paper 5. The strategy will be premised on the policy directive of White Paper 5 which requires that, by 2010, all learners entering Grade 1 should have gone through the Grade R reception year.

We will prioritise the poorest schools in rolling out Grade R classes. The Department will start by providing Grade R to the poorest learners in quintiles 1 and 2, before proceeding to quintile 3; formulating a resourcing strategy outlining the extent of the need for Grade R classes and the financial implications thereof; building the human resource capacity which relates to qualifications, conditions of employment and a remuneration mechanism for ECD practitioners; determining the curriculum, learning and teaching support materials and other resources that enhance the quality of early learning programmes.; determining infrastructure needs essential for the age group.

The districts are identifying new sites for Grade R in public schools, as it is envisaged that the minimum number of sites per district in 2007/08 will be 100. The Department is not phasing in additional community-based sites, since White Paper 5 suggests a ratio of 85% public schools to 15% community based sites. The provincial ratio is currently 75:25.

## ***Child Eye Care Programme in Primary Schools***

An estimated 45 000 children in KZN schools need spectacles. An inter-sectoral project by the International Centre for Eye Care Education Africa (ICEE) will benefit all primary schools in KZN by immediately delivering eye care services to children in need and concurrently strengthen and develop the capacity of existing government structures to deliver ongoing eye care services to all primary school children in the province. This joint project with the Department of Health will result in vision screening at 4 353 primary schools, while an estimated 36 000 spectacles and 400 low vision devices will be dispensed.

## ***School Sports Mass Participation Programme***

The School Sports Mass Participation Programme - the joint intra-school and inter-school project with the Department of Sport and Recreation - that started in the previous financial year - will continue in the 2007/08 financial year and a further nine clusters and 162 schools will be introduced into the programme. Equipment will be given to 321 schools and all contract employees and 5778 educators and or volunteers will be trained. For this financial year 36 cluster festivals will be organised.

# Presentation of the Budget

The following programmes are key delivery areas that the Department will be pursuing during the 2007/08 financial year:

## **Programme 1 - Administration: (Budget R1 084 282 000)**

This programme contains the funds for the Executive Authority and the overall management of the Department as shown below:

### **The Office of the MEC: (Budget R14 090 000)**

There is a slight decrease in the current budget as opposed to the prior year's budget of R18 689 000. This is due to once off activities undertaken as a result of the restructuring to the office of the MEC. Approximately R4.5million of the budget of the Office of the MEC will be used for bursaries for students to study towards a teaching qualification at tertiary institutions and about R4.7million will be used for schools that achieved a 100% pass rate and schools that have shown a dramatic improvement in their grade 12 results.

### **Education Management: (Budget R1 070 192 000)**

Education Management is made up of a number of components including Corporate Services, Human Resources Development (HRD), HIV & AIDS Conditional Grant and Education Management Information Systems (EMIS) which are specifically disclosed in the Budget Statement as required by the Education sector. As explained in the paragraph above, there are certain activities which we did not cater for in this financial year because there were once off expenditures, solely to support the restructuring of the Department, which is almost complete. Under this sub programme we specifically provide for:

- *HIV and Aids to assist in the fight against this pandemic*
- *HRD for training and development of the administration staff and*
- *EMIS for the improvement in the collection, capturing, analysing and provision of data, including statistical data.*

## **Programme 2 - Public Ordinary Schools: (Budget R16 078 596 000)**

The lion's share of the Department's budget is for providing learning and teaching facilities in our public ordinary schools. Listed below are sub-programmes in this programme:

### **Public Ordinary Schools: (Budget R15 582 029 000)**

This budget combines the allocation for ordinary primary and secondary schools. 84% of this budget is for the remuneration of Educators, and the rest is for Norms & Standards (11%) and Infrastructure Development (5%).

Access to basic education is a constitutional right. Yet for many learners, especially in the rural areas of KwaZulu-Natal, access is hampered by the long distances that our children have to travel to school.

To provide transport to learners in KwaZulu-Natal would require more than R900 million - money that we don't have in our budget. We only have a R10 million allocation to deal with emergency cases and this is cause for great concern to us as well as to all our stakeholders, in particular to our children and their parents.

We have also been working closely with the Department of Transport to make walking routes to schools safe and secure and to provide bridges and road infrastructure, particularly in rural areas.

## ***Professional Services: (Budget R79 331 000)***

In line with the Education sector requirements we have combined the previously separated budgets of Advisory services and Planning services. The increase in this component was limited to 4%. This is an area in which future increases will be significant in order to address the shortage of Subject Advisors.

## ***Human Resources Development: (Budget R126 780 000)***

This budget combines the allocations for Skills Development.

## ***In-school Sport and Culture: (Budget R30 450 000)***

This component provides in-school sports and in-school cultural activities as well as youth activities. Its activities are severely affected by its under-funding. It needs to be borne in mind that when the Department of Arts and Culture as well as the Department of Sports and Recreation were formed, their budgets were moved from Education to them. However, In-School Sports and Culture was assigned to the Department, but the budget did not follow. We had to make funding available from other programmes, but the allocation remains inadequate, although we are progressively increasing this budget.

## ***National School Nutrition Programme: (Budget R260 006 000)***

The budget for School Nutrition is systematically growing, with an 8,62% growth in the current financial year. Ideally we should cover all the poor schools, including such high schools, and this is our medium to long term goal.

## ***Programme 3 - Independent School Subsidies: (Budget R48 702 000)***

The budget for this programme has increased by 5% in the current year which is a normal increase.

## ***Programme 4 - Public Special School Education: (Budget R359 296 000)***

The budget for Special Schools has increased by 21% in order to address the shortage of Special Schools in the Province. Planning and the documentation for the renovation of nine schools and the conversion of two schools into full service schools are well advanced and construction will soon start. The planning for three new special schools in 2008/2009 has also started: Intuthuko (Hlabisa), Ukukhanya koMsinga (Msinga) and Thembimfundo (Eshowe) will be completed in 2008/2009.

## ***Programme 5 - Further Education And Training: (Budget R401 275 000)***

The budget for this programme includes the conditional grant of R115 453 000 for recapitalization. Increased funding is required to do justice to the dire need for skills training in the province.

## ***Programme 6 - Adult Basic Education And Training: (Budget R106 968 000)***

The budget for this programme excludes the *Masifundisane* budget, which was moved to Programme 8 in line with the requirements of the Education Sector. Excluding the *Masifundisane* budget in the 2006/07 budget, the budget for the formal ABET programme has increased by R37 038 000.

## ***Programme 7 - Early Childhood Development: (Budget R167 697 000)***

The programme has two sub-programmes, namely Grade R in Community Centres and Grade R in Public schools. We will be adding 1655 new subsidized Grade R classes to public primary schools. Another improvement is that all Grade R classes will receive R1500 for equipment. Salaried subsidies have also increased from R1500 to R1750 per month in the 2007/08 financial year.

## ***Programme 8 - Auxiliary Services: (Budget R330 005 000)***

The programme has three sub-programmes, namely Examination Services (R215 237 000), Payments to SETA (R14 768 000) and Masifundisane (R100 000 000).

## Conclusion

Everyone in this House will agree that the task at hand is enormous, but the resolve to ensure optimal operational efficiency and effectiveness is as constant as the North Star.


We commit ourselves to continuously enhance the efficiency and capacity of the Department to respond adequately to the ever-changing needs of the varied communities we serve.

I take this opportunity to express my thanks to all members of the KwaZulu-Natal Department of Education for the remarkable contributions they have made through their unstinting commitment to the transformation of education in the Province. I offer my heartfelt thanks to the Honourable Premier of KwaZulu-Natal, S'bu Ndebele; the Executive Council, the Portfolio Committees on Education and on Finance, as well as SCOPA and the Speaker and Members of the Provincial Legislature support in "Getting KwaZulu-Natal Learning".

In conclusion, this Budget will go some way to enable us to reach sustained levels of improvement and quality in the future. However, we still need to achieve quality learning outcomes for all our learners, optimal conditions for quality teaching for our teachers and effective and responsive support mechanisms that create the basis for a working system of education. A long winding road lies ahead but we in this province are ready to excel with your help and support, Honourable Members.

Honourable Chair, I commend this Budget to the House.

***Ngiyabonga! Baie dankie! Enkosi! I Thank you!***







## ***uMnyango WeMfundo WaKwaZulu-Natali***

### ***Inkulumo Yesabelozimali 2007-2008***

#### ***Senza iKwaZulu-Natali Ifunde Silungele Ukugabavula***

##### ***Umbono***

*Umphakathi okwaziyo ukufunda ukubhala nokubala futhi onamakhono okwaziyo ukubamba iqhaza kuzo zonke izinhlelo zentandoyeningi onikelayo ekuthuleni nasekuthuthukisweni kwabantu.*

##### ***Esikumele***

*Ukuhlinzeka amathuba kubo bonke abantu bakithi khona bezofinyelela emfundweni enohlonze ezokwenza ngcono isimo sabo sempilo futhi ezonikela ekuqhubekiseni isiko lentandoyeningi KwaZulu-Natali.*



***uMhlonishwa uNkk CM Cronjé***  
*uNgqongqoshe weMfundo KwaZulu-Natali*

*Inkulumo Kangqongqoshe Wemfundo Wakwazulu-natali Unkk. C.M. Cronje Emcimbini Wokwethulwa Kwesabelozimali Somnyango. Wemfundo Sonyaka Wezimali Ophela Ngomhla Zingama-31 Kundasa Kowezi-2007 ULwesithathu zi-2 kuNhlaba kowezi-2007*

***Senza iKwaZulu-Natali Ifunde  
Silungele Ukugabavula***

***Mhlonishwa Sihlalo  
Bafowethu nodadewethu***

*Kuyintokozo enkulu negunya elibalulekile kimi ukuba nginethulele isabelo zimali soMnyango WeMfundo WaKwaZulu-Natali sonyaka wezimali wezi-2007/2008. Ngithanda ukwamukela bonke abafundi abanathi lapha namuhla abamele izikole, amakolishi akwa-FET nezikhungo zeMfundo Yabadala esiFundazweni sakithi.*

# Okuqukethwe

<b>Isingeniso</b>	<b>29</b>
<b>Okuzuziwe</b>	<b>30</b>
<b>Ukungenelela okumqoka konyaka wezimali wezi-2007-2008</b>	<b>39</b>
<b>Ukwethulwa Kwesabelozimali SoMnyango</b>	<b>45</b>
<b>Isipetho</b>	<b>48</b>

# Isingeniso

UMengameli weZwe eNkulumweni yakhe yesimo sesiZwe yamhla ziyisi-9 kuNhlolanja nonyaka ukhulume ngesidingo sokusebenzisana ekwakheni iNingizimu Afrika ebalulwa ngaphupho linye. Ukwakhiwa komphakathi oququkile, ozinzile futhi ophokophelayo kuncike emfundweni. Silubalubela ngokufanayo ukuba nesifundazwe saKwaZulu Natali esigabavulayo ekusebenzeni. Thina-ke emfundweni sesihambe elide ibanga ekufezekiseni le nhlosongqangi. IsiFundazwe sethu sizuze lukhulu ngonyaka owedlule. Kuningi osekuzuziwe futhi ngiyakholwa ukuthi sesifikile ezingeni la sesikulungele ukugabavula kwesikwenzayo. Kusukela ngowezi-2004 besakha izisekelo zokuzuzwa ukusebenza ngokuphelele kuzo zonke izikole zethu ngokwakha uMnyango osebenza kahle, onolwazi oluphelele futhi ophendula ngokushesha kokudingwa abantu. Ukulungela ukugabavula ekusebenzeni kuzoba uhlelo lwesikhathi eside oluhlabela phambili kubuye kube uhlelo lwesikhathi esiseduze oluzophendula ezidingweni nasezimweni zamanje eseziqhamukile. Ngeke sakubekezelela nangengozi ukungathunyelwa kwemisebenzi nokuphumelela okungenele ekusebenzeni. Siqine kakhudlwana, sifuna ngokuthe xaxa futhi silubalubela ngaphezu kwakuqala njengoba esikulindele ukukuzuzwa kukhula njalo. Imiphumela yemizamo yethu izoqala ukuthela izithelo ezibonakalayo esikhathini esilingene sohlelo lwethu.

Siyazi ukuthi nakuba kube nezinsalelo ezibandakanya ububha, ukuswelakala kwemisebenzi, ukusilela kwezinqalasizinda nokudlanga kobugebengu uHulumeni waKwaZulu-Natali usebenze ngempumelelo ngezinga elilingene ekubekeni izinsika zokufezekiswa kokuzuzwa kwalokho okushiwoyo ngenkululeko emfundweni nakwezinye izimo.

Kusifanele ukukhumbuzwa wonke umuntu okhona namuhla ukuthi imfundo yinkundla enqala futhi ebalulekile njengoba umphakathi osekelwe emagugwini entando yeningi ambandakanya ukulingana, ukungacwasi ngokobuhlanga nokungacwasi ngokobulili ungazuzwa ngemfundo. Njengoba uhlelo lwethu lwemfundo lusekelwe esisekelweni esiqine okukakhonkolo futhi esigabe ngokucabanga okuhlabela phambili inselelo yethu enkulu namuhla ukunweba imikhawulo yokunikezelwa kwemisebenzi okunohlonze emfundweni. UMnyango wami njengengxenywe kaHulumeni, Sihlalo, unomthwalo wokuhlinzeka ngemfundo enokulondeka eqhubekayo, enohlonze ngokusebenzisa izikole amakolishi akwa-FET nezikhungo zeMfundo Yabadala. Ukuthunyelwa kwemisebenzi okunohlonze kubantu kuyobe kuzuziwe uma umsebenzi wethu esimiselwe wona ngqo wokuhlinzeka ukufunda nokufundisa kwezinga eliphakeme sewenzeka kuzo zonke izikhungo zethu.

Kule Nkulumo eNqala Yesabelozimali ngihlose ukugqamisa esikubeke phambili singuMnyango WeMfundo waKwaZulu-Natali futhi ngikhombise ukuthi sizokuhlelela kanjani. Lokhu umnyombo wakho yilokho okubekwe phambili yesiFundazwe njengoba kwethulwe nguNdunankulu eNkulumweni Yesimo sesiFundazwe. Siyakubona ukuthi uMnyango wethu njengoba ungomkhulukazi futhi udla okuthe xaxa esabelwenizimali sesiFundazwe ubekelwe umsebenzi wokuba sekhaleni ekubhekeleni esikubeke phambili ohleni lokuzokwenziwa.

Indikimba yethu kulo Nyaka Wezimali ithi, "Silungele ukugabavula", ukuphendula umbuzo obekwe uNgqongqoshe kaZwelonke uNaledi Pandor eNkulumweni yakhe yesabelo zimali yangonyaka odlule. Lokhu sekulethe isidingo sokuchibiyelwa kwesiqubulo sethu ebesithi, "Ukwehluleka kungekhethwe" bese sithi, "Siphokophelele Impumelelo kuphela." Kulokhu sigudlule esigxile kukho sisuka ekugxileni ekwahlulekeni sibheke ekugxileni empumelelweni nokusebenza ngokugabavula.

Njengoba kwake kwasho lo mbhali ongashiwongo igama, Ukusebenza ngokugabavula kungazuzwa uma:

- unakekela ngaphezu kwalokho abanye bekubona kuphusile
- uzibeka engcupheni ngaphezu kwalokho abanye bekubona kuphephile;
- uphupha ngaphezu kwalokho abanye bekubona kungenzeka;
- ulindele ngaphezu kwalokho abanye bekubona kungenzeka.

Ngalo moya wokugabavula ekusebenzeni sihlose ukugqugquzela ukhakha lwemfundo lonkana esifundazweni sakithi ukuthi lufise ukuphumelela futhi luphumelele. Lokhu kuyisikweletu kithi uqobo kanjalo nakubantu bakithi.

# Okuzuziwe

Ngesiqubulo sethu esihlanganisa sivukuze abantu esithi, “Senza iKwaZulu-Natali ifunde” ngama khona kule nkundla ngonyaka odlule nginekela le Ndlu ngezindlela esasifisa ukungenelela ngazo sizenze ngonyaka wezimali wezi-2006/2007. Ngivumele Sihlalo ohloniphekile ukuba ngibale okunye ukuphumelela koMnyango esikuqophile enyakeni owedlule.

## ***Izindawo Zokufundela, Amanzi, Nokukhucululwa Kwendle***

Bengihlale ngiyiphela endlebeni ngikhumbuzela le Ndlu ngokhondolo lokusilela kokuhlinzekwa kwezinqalasizinda esalufica njengefa kulo Mnyango. Ngesikhathi ngingena kulesi sihlalo ngonyaka wezi-2004 ngakhombisa ukuthi kukhona ukusilela, esingabala kukho amagumbi okufundela ayizi-14667, izikole ezingama-21.7% (eziyi-1300) ezazingenayo inqalasizinda yokukhucululwa kwendle, izikole ezingama-34% ezazingenamanzi emagcekeni nezikole ezingama-60% ezazingenawo ugesi. Impumelelo yethu esikhathini esikhuluma ngaso, kufanele yahlulelwe ngokubeka lolu khondolo emqondweni nanjengesimo esiyizuze phansi kwaso.

Kusukela ngonyaka wezi-2004 uMnyango usukunciphisile ukusilela kwezinqala sizinda esakufica kukhona kwamagumbi ayizi-14667 ngamagumbi ayizi-3830. Ngokufanayo uMnyango sewakhe izindlu zangasese eziyizi-9440 kusukela ngonyaka wezi-2004. Lokhu sekunciphise isibalo esisilele ngengxenywe yonke ngoba izikole ezingenazo izindlu zangasese ezanele sezinciphe zisuka e-1300 zaya ema-690. Ngonyaka wezimali wezi-2007/2008 sizokunciphisa kakhulu lokhu kusilela ngamagumbi okufundela ayi-1750 nezindlu zangasese eziyizi-2750.

Umkhawulo obuhloswe ukuzuzwa nguMnyango ngokokuhlinzekwa kwezinqalasizinda ngonyaka wezi-2006/2007 bekungukwakha amagumbi okufundela ayi-1750 nezindlu zangasese eziyizi-2750. Ngokwale mikhawulo uMnyango uphumelele ekwakheni amagumbi okufundela ayi-1090 (okungama-62% alokho esasikuhlosile) nezindlu zangasese eziyizi-3711 (okuyi-135% walokhu esasikuhlosile). Kusukela mhla lulunye 1 kuMbasu kowezi-2006 kuya mhla zingama-31 kuNdasa kowezi-2007 izinkampani ezisakhelayo zikwaze ukuqeda umsebenzi njengoba kulandela: IDT amagumbi okufundela angama-83 nezindlu zangasese ezingama-646; Ithala: amagumbi okufundela angama-233 izindlu zangasese ezingama-291; Umngeni: amagumbi okufundela ayisi-7 nezindlu zangasese ezingama-983; uMnyango Wemisebenzi: amagumbi okufundela angama-424 nezindlu zangasese eziyi-1846, ngaleso sikhathi izinkampani ezisafufusa ezisezinhlwini zokusheshisa ukufakelwa kwezinsizakalo zikwaze ukwakha amagumbi okufundela angama-93. UMnyango uhlinzeke ngamagumbi okufundela angomahamba nendlwana angama-250 ngonyaka wezimali owedlule. Ngaphezu kwakho konke sihlizeke ngezikole ezintathu ezintsha ceke futhi ezinkulu (Nzuzenhle Primary –Edendale, Ullovu Primary ese-Illuvu neKwaMyeza Primary ese-Hammersdale). Izakhiwo zokuphatha ezikoleni kwakhiwe ezingama-34 kwakhiwa nama-laboratory ayi-15 ohlelweni lokwengeza nokwenza ngcono kwase kwakhiwa izakhiwo zokuphatha ezikoleni eziyi-130 amagumbi amakhompyutha amane nemitapo yamabhuku eyi-13 esakhiwa okulindeleke ukuthi iphothulwe ukwakhiwa ngokuphela kukaMbasu wonyaka wezi-2007 ohlelweni lokubukezwa kohlelo lwezifundo. Ngonyaka wezimali wezi-2007/08 sizoqhubeka sinciphise ukusilela esakuficayo ngamagumbi okufundela ayi-1750 nezindlu zangasese eziyizi-2750.

Ngokuhambisana nokugxila koMnyango ekuqinisekiseni ukuphepha nokuvikeleka ezikoleni izikole eziyi-147 zithole ukubiywa ngonyaka wezimali odlule. Lo msebenzi uzoqhubeka nakulo nyaka (2007/08) ekwandiseni inani lezikole zethu elizohlomula ngesimo esingcono sokufundela nokufundisela.

## ***Ukwakhiwa Kabusha Nokulungiswa Kwezakhiwo***

Kusetshenziswe isamba sezigidi ezingama-R240 ngonyaka wezimali wezi-2006/07 emsebenzini omkhulu wokulungiswa kwezakhiwo nokwakhiwa kwazo kabusha ezikoleni esifundazweni sonkana. Izikole ezingama-68 bekufanele zakhiwe kabusha ngokuphuthuma ngenxa wokuthi zoniwa yisiphapho ngonyaka wezimali wezi-2006/07.

## ***Uhlelo Lwezikole Lwe-ICT***

Ukuhlinzekwa kohlelo lobuchwepheshe bezokuxhumana (ICT) ezikoleni bekungashaywa ndiva kulo Mnyango phambilini. Ngonyaka wezi-2005 ngokokuqala ngqa emlandweni walo Mnyango, sagxila ohlelweni lokuqinisekisa ukuhlinzekwa kohlelo lwe-ICT ezikoleni. Leli su laba yimpumelelo kwathi isigaba sokuqala salo saqinisekisa ukuthi ama-50% ezikole athola okungenani ikhompuyutha eyodwa ezosebenza ekuphathweni kwesikole. Lo mgqigqo uqhubekile njengoba izikole ezinye ezingama-850 ziyitholile ikhompuyutha isikole ngasinye ngo-2006. Izingxenywe ezahlukene zoMnyango ngokubambisana sikuqinisekile ukwakhiwa kwama-laboratories amakhompuyutha ezikoleni cishe eziyi-100 azosetshenziselwa ukufundisa nokufunda. Sikwaze ukuqeqesha othisha abangaphezudlwana kwezi-2300 abasuka ezikoleni ezizuze amakhompuyutha ohlelweni lwezinsuku ezintathu lokufundisa ngamakhompuyutha. Izifundo eziningi ngaphansi kwesiTatimende soHlelo lweziFundo sikaZwelonke emabangeni e-10-12 zidinga othisha ukuba babe namakhono kwezamakhompuyutha. Kuze kube manje othisha abangama-800 bamabanga e-10-12 sebethole ukuqeqeshwa okuhlinzekwa wuhlelo lwe-International Computer Drivers License (ICDL). Ngaphezu kwalokho othisha abayi-110 baqeqeshelwe uhlelo lwe-Geographic Information Systems (GIS). Njengamanje sinezikole ezingama-635 ezixhunywe ohlelweni lwe-internet. Izinhlelo esixhumene kuzo nabezimboni ezizimele ziluseke kakhulu uhlelo lokuhlinzekwa kwezikole ngamakhompuyutha.

Ihovisi lami likwaze ukuxoshisa izikole ezithole imiphumela eyi-100% onyakeni wezi-2005 nowezi-2006 kumatikuletsheni ngama-laboratory amakhompuyutha anamkhompuyutha ayi-10 noma angama-20 ngayinye kanye nama-printer ne-soft ware efanele. UMnyango uyabonga kulabo abenze iminikelo kulolu hlelo. I-media centre nama-laboratory amakhompuyutha anikelwe abakwa-Bytes Technology kuvulwe ngokusemthethweni ngoNhlolanja ka-2007. Ukusweleka kukagesi ezikoleni zethu eziningi kuyisithiyo ezinhlosweni zethu zokuhlinzeka izikole zethu zonke ngamakhompuyutha. Ngaphezu kwalokho ukungacaci kahle kwenqubomgomo kaHulumeni yokuhlizeka nge-e-Rate kube yinselelo enkulu ekuqinisekiseni ukuxhunywa kwezizinda zokuxhumana ngobuchwepheshe ngenani elehlisiwe.

## ***Izikhungo Zemfundo Ezisekela Intuthuko Yasezabelweni***

Izikhungo zemfundo zingenye yezindlela ezimqoka zokungenelela kukahulumeni ekubhekaneni nendlala yezinsiza kufunda ezikoleni ezisezabelweni.

Lezi zikhungo zinikezelwe ngezinsiza ezifaka ifenisha, amakhompuyutha, omabonwakude, amavidyo imishini yokugaya (photocopiers) amaphepha kanye nama-data projectors okugcina nokukhombisa ulwazi oludingekayo.

Sekukwakhiwe ama-laboratories amakhompuyutha angama-92 kulezi zikhungo.

Kwakhiwe kabusha izikhungo ezingama-76 okudle cishe izigidi eziyi-10.

Kwezinye zalezi zikhungo kuthunyelwe izinsiza kusebenza zenzululwazi (science kits).

Abaphathi zikhungo abangama-40 baqalile ukusebenza phakathi kukaMasingana noNdasa kulo nyaka.

Lezi zikhungo zisebenza njengezizinda zezinhlelo zentuthuko ngokufundisa abazosebenza emitapweni yezincwadi yasezikoleni uhlelo lwesitifiketi se-Advanced Education course, nokuqeqeshwa kwabafundisi bohlelo lwe-Early Childhood Development, uhlelo lokufundiswa kolimi ezifundweni zonke, nezifundo zezamakhompuyutha kanye nezinhlelo zokuthuthukiswa komnotho ezibhekiswe emiphakathini yezindawo okwakhiwe kuzo lezi zikhungo.

Konke lokhu kwenziwe kwayimpumelelo ngomnikelo wesihe otholakale ezindlini zenxusa le-Royal Netherlands (RNE) ezabele izigidi ezingama-R160 zabela uMnyango ne-Media in Education Trust ngenhloso yokufakelwa kwalolu hlelo eminyakeni emine.

## ***Umkhankaso WeMfundo Yabadala UMasifundisane***

Sekuzuzwe inqubekela phambili eyenelisayo ebheke ekuphumeleliseni izinhloso zohlelo lweMfundo yabadala iMasifundisane – okuwuhlelo lwesifundazwe lokufundisa abafundi abadala besifundazwe ukubhala, ukufunda nokubala.

Mhla lu-1 kuMbaso 2007 bese kubhaliswe abafundi abayizi-30 000 futhi sebabelwe abafundisi. Isibalo esiphezulu sabafundi esiyizi-5300 sitholakale Obonjeni, isibalo esisendimeni esiyizi-2060 sitholakale eMgungundlovu kuthi esincane kunazo zonke esingama-600 sitholakale eMlazi. Sithanda ukubonga kakhulu kuleyo miphakathi nezinhlelo ezithile ezilokhu ziqhubekile njalo nokuvukuza banfundi nokuphephezelisa ifelegi likMasifundisane.

Ukufundisa kulolu hlelo kuqhutshwa abafundisi namavolontiya. Abangama-400 kwabangama-800 sebesayinile izinkontileka zokusebenza kanti bathola inkokhelo yabo yanyanga zonke eyi-R1 000.

UMasifundisane usesungule uhlelo lokufundiswa kolimi lwebele –IsiZulu, ulimi lwezakhamizi ezingama-80% zesifundazwe kanti basebenzisa izincwadi zemisebenzi ezingagcini ngokuthakaseleka kepha zidlulela nasekufundiseni ngempumelelo. Amandla kaMasifundisane okukhulula labo abakade besemaketangeni okugqilazwa ukungazi abonakele ngezinyanga nje eziyisithupha. Kunogogo uGogo, uShongwe ubengakwazi ukubhala nokufunda obesayina ngokubeka isiphambano kodwa manje osekwazi ukuzisayinela igama lakhe. Ngiyabonga ukuthi namuhla unathi kuyo lendlu. Sawubona Gogo uShongwe!

Ukuze siqinisekise ukuqashelwa okuphelele kwezikhungo alo mkhankaso sibeke amathimba isigodi nesigodi keziyi-11 kweziyi-12 zoMnyango. Ukwakhiwa kwalezi zinhlelo namathimba kuhambisana ngqo nenhloso yethi yokusebenza ngempumelelo ekuhlizekeni izinkonzo emiphakathini yethu.

## ***Imfundo Yabadala Eyisisekelo nokuqeqesha***

Imfundo Yabadala eyisisekelo nokuqeqesha (ABET)-uhlelo olusemthethweni lokufundisa ngokufunda, ukubhala nokubala, ngolunye lwezinhlelo ezibaluleke kakhulu zoMnyango olungachazwa njengoluguqula isimo senhlalo, olunikela ekubunjweni kabusha nasekuthuthukisweni kwemiphakathi eyayincishwe amathuba phambilini. Mhlonishwa Sihlalo, Ngiphuphuma injabulo uma ngibika ukuthi ngonyaka wezimali wezi-2006/07 izikhungo zethu zemfundo yomphakathi zenyukile zasuka e-1030 zaye zafinyelela e-1054; kwathi isibalo sabafundisayo senyuka sisuka ezi-6012 saye saba sezi-6575. Inani labafundi lona likhule lagawela lisuka ezi-53 138 layofinyelela ezi-54 439.

Ngale kwale mpumelelo esesiyibalulile le ngxenyana yokusebenza isabheke nezinsalelo zohalmbisana nse nemithetho yonke kaHulumeni. Umthetho weMfundo yabadala (ABET Act), uMthetho wokuqashwa kothisha ka-1998 (Educators Employment Act) kanye noMthetho wezimo zokusebenza ka-1996 (Conditions of Employment Act). Siyethemba ukuthi izingxoxo nezinyunyana noMnyango kuZwelonke emkhandlwini we-Education Labour Council (ELRC) ngezimo zokusebenza kothisha beMfundo Yabadal ziyozala ithokazi sikwazi ukubhekana nalezi zinsalelo.

## ***Imfundo Yojahidada***

Ekuhambisaneni nenqubomgomo kazwelonke yokuhlizeka ibanga R kuzo zonke izikole ezifundisa ibanga 1, sibhalise abafundi abayi-151 976 kwabangaba yizi-227459 esiFundazweni ngoNdasa wonyaka wezi-2007. Lokhu-ke kusibeka ekutheni insebenzo engama-67% ekuhlangabezani nomkhawulo webanga R. Umkhawulo wethu wabafundisi bojahidada abayi-1200 abasha ngonyaka wezi-2006/7 wafinyeleleka ngempumelelo. Lokhu kwenyusa inani labafundisa ojahidada laye lafinyelela ezi-3 794. Abangama-853 babo basezikhungweni zemiphakathi kanti abangama-2 941 basezikoleni zomphakathi zamabanga aphansi.

## ***Ukuqashwa Kokusebenza Ezikoleni***

Njengengxenywe yokulungela ukugabavula singene emkhankasweni okubeka phezulu ohleni lwemisebenzi yoMnyango ukuqapha ukusebenza kwekole zethu ukuze sizonikeza amandla ifuthe lethu lokusebenza ngempumelelo nangamandla amakhulu sigabavule. Kulokhu sibonga wonke amaLungu ahloniphekile ale Ndlu athe ngokuholwa nguNdunankulu abamba iqhaza ohlelweni lokuhambela izikole ngezinsuku zokuqala ezintathu kuvulwe izikole ngonyaka wokufunda wezi-2007.

UMnyango Wemfundo unomthwalo wokuqinisekisa ukuthi izingane ziyafinyelela emfundweni. Ngalokho sesenze ukuqashwa kokulungela ukusebenza kwezikole zethu kwaba ngumgomo. Yingalesi sizathu-ke sesilwelulile lolu hlelo safaka izinsuku zokuqala zaleso naleso sigamu sonyaka kanjalo nezinsuku ezintathu zokugcina. Sikwenza lokhu ngenkolelo yokuthi izikole zethu ngeke zasebenza ngamandla nangempumelelo ephelele ngaphandle kokuba zibe zikulungele ukusebenza njalo.

Phakathi komhla zingama-28-30 kuNdasa nonyaka izikhulu nezisebenzi zoMnyango zihambele izikole ezingama-200 zigxile ikakhulu kulezo ezingasebenzanga kahle. Ukugcizelela ukuqashelwa kokulungela ukusebenza ezikoleni kusizile ekuthuthukiseni indlela yokuziphatha emsebenzini ezikoleni.

Inhloso yalokhu yile:

- Ukulungisa isimo nokugcizelela ukuthi ukufunda nokufundisa kufanele kwenzeke ngosuku lokuqala kuze kube olokugcina;
- Ukuvala izikhala nezinsalelo nokuqinisekisa ukuthi ukusekelwa okufanele kuyafinyelela ezikoleni;
- Ukuncoma ukusebenza okuhle nokukhuthaza abafundisi nabafundi;
- Ukuqapha ukunikezelwa kwezinqalasisizinda; kanye
- Ukuqapha ukusetshenzwa nokwenziwa kwezinhlelo zokuguqulela isimo sesikole kwesingcono ezikoleni ezingezanga kahle ngonyaka odlule.

## Ukuphepha Ezikoleni

Nginexhala ngokuthi othisha nabafundi sebephenduke izisulu zodlame olwenzeka emagcekeni ezikole kanjalo naseduze kwazo. Zikhona izinhlelo esenziwe ngenhloso yokwengeza ukuphepha ezikoleni. Izikole ezigodini zoMnyango eziyi-12 sezixhunyaniswe neziteshi zamaphoyisa. Lokhu kwenzelwa ukuba amakomidi ezokuphepha ezikoleni nothishanhloko banikezwe amandla athe xaxa okubhekana nalobu bugebengu. Izikole sezihlelwe ngokwamaqoqo ezokuphepha kanti othishanhloko sebenikezwe amagama neminingwane yamaphoyisa abhekene nalo msebenzi eziteshini eziseduze. SinguMnyango sesineNqubomgomo yokuPhepha Ezikoleni laphe sibalula khona imisebenzi yezinhlelo zokuphepha ezikoleni, izinhlelo zamaphoyisa amazanga ezigodi kanye nesifundazwe.

Ngonyaka owedlule ngibike ukuthi sihlele ukwakha ubudlelwano nabazamaBhizinisi abamelene nobuGebengu. Ngiyathokoza namuhla ukwethula umbiko othi uhlelo oluhlolwayo lwe-Tiisa Thuto ezikoleni ezingama-52 seluthatha igxathu elibonakalayo ezigodini ezinhlanu:

eMgungundlovu	- izikole eziyi-7
e-PortShepstone	- izikole ezi-6
eMpangeni	- izikole ezi-12
eMlazi	- izikole ezi-8
e-Pinetown	- izikole ezi-19

Sisohlelweni lokukhulisa lo mkhankaso we-Tiisa Thuto siwenabisele kwezinye izigodi.

## Izindondo Zezikole Ezisebenze kahle:

Iqembu labanqobi- Club 100%

Izikole zemfundo yomphakathi ezingama-80 ezizuze impumelelo ye-100% esitifiketini sikamatikuletsheni zithole izindondo zokuzikhuthaza esizibonga ngazo ezingamakhompyutha nama-printer izinsiza zenzululwazi (science kits) izincwadi zomtapo kanye nezinsiza zezemidlalo ezidle izigidi ezi-R4.7.

Kulezi zikole ezingama-34 ebesezivele zinawo ama-laboratory amakhompyutha zizothola amathuluzi nezinto zesayensi, izincwadi zomtapo noma izidingo zezemidlalo ezibiza ama-R136 215 00. Isikole ngasine kwezingama-24 ezingenawo ama-laboratory ekhompyutha kanti zinabafundi abangaphansi kwama-500 ziyohlinzekwa ngamakhompyutha ayi-10, i-printer eyodwa kanye ne-soft ware efanele. izikole eziyi-11 ezinabafundi abevile ema-500 zona ziyohlomula ngamakhompyutha angama-20 ama-printer ayi-10 kanye ne-software efanele kuleyo naleyo laboratory yamakhompyutha.

Izikole eziyishiyagalolunye ezilandelayo yizikole ezikhuphule imiphumela yazo isuka ngaphansi kwama-20% zaya zahlala ngaphezulu kwama-60%. Lezi zikole nazo zihlomule izinto zokukhuthazwa ezifaka izinsiza zenzululwazi, izincwadi zasemtapweni kanye nezinsiza zezemidlalo ezibize izi-R136, 215. 00:

Thokozwayo:	isuka e	-0%	iya ema	-100%
Leshman:	isuka e	-11.8%	iya ema	-92%
Sizathina:	isuka e	-0%	iya ema	-85.7%
Isulomphakathi:	isuka e	-15.6%	iya ema-	75%
Gcinokuhle:	isuka e	-18.8%	iya ema	-70%
Joko:	isuka e	-0%	iya ema	-69%
Mankenke:	isuka e	-8.6%	iya ema	-65%
Momaqoni:	isuka e	-13.8%	iya ema	-62.5%
Mashinga:	isuka e	-16%	iya eme	-60.7%

Lokhu kuklomelisa abenze kahle kuwuphawu lokubonga umsebenzi onzima abawenzile othishanhloko, othisha nabafundi balezi zikole ekuphokopheleleni ukusebenza ngempumelelo.

## ***Imifundaze Yothisha***

Eminyakeni emibili edlule nganquma ukuguqula uhlelo lokunikezelwa kwemifundaze ukuze luzobhekana nenselelo enqala yokuntuleka kothisha ezifundweni ezibalulekile zeZibalo, iNzululwazi kanye neZobuchwepheshe. Uhlelo olusha lwemifundaze, Sihlalo ohloniphekile, lubhekane nezindimbane zezicelo zosizo lwezimali zivela kubafundi bemiphakathi eyayincishwe amathuba phambilini abaphumelela ukuhlolwa kwesitifiketi sikamatikutsheni ngonyaka wezi-2006 bebe befisa ukuqhuba izifundo zabo noma abanye basuke sebevele bebhalisile ezikhungweni zemfundo ephakeme. Esikhundleni sokunikezela ngezindodla zemali kubafundi abayofunda imikhakha engasondelene nemfundo uMnyango ususayinde izivumelwano nabafundi abazofunda umikhakha wemfundo ezifundweni esezintuleka kakhulu. Namuhla ngimi ngeqholo ngibika ukuthi uMnyango weMfundo unikezele ngemifundaze kubafundi abangama-55 abayofundela iziqu ze-B.Ed. NgoNhlolanja 2007 uMnyango unikezele ngemifundaze kubafundi abangama-78 abaqalayo ukuyofunda. Lokhu kwenyuse inani esilabele imifundaze lenyukele ezigidini ezi-R4.5 lapho sixhase khona abafundi abayi-133 abanikezwe imifundaze ngonyaka wezi-2006 nowesi-2007. Emva kokuphuthula izifundo zabo bayoqashwa nguMnyango okungenani iminyaka elingana nabayichithe ezifundweni zabo.

Kufanele siwubonge umnikelo wozakwethu kwezokuthuthukiswa komphakathi ngokwengeza izinsiza kwesikwenzayo ukuqinisekisa ukuthi imifundaze yokuqeqeshwa kothisha ifinyeleleka kalula. Kulokhu sibonga abakwa-GEM School Wear ngokuxhasa abafundi ababili abafundela ubuthisha. Sibuye sikhuleke kwabe-State Information Technology Agency (SITA) ngokunikezela ngemifundaze kubafundi abali-10 abafundela izifundo ezintulekile.

## ***Ukuhlinzekwa Kwezinsizakufunda nokufundisa (LTSM)***

Ngiphinda engikubike esishayamthethweni mhla zi-15 kuNdasas 2007 ukuthi ukuthunyelwa kwezincwadi konyaka esikuwo, 2007, kukhombise ukuthuthuka okukhulu uma siqhathanisa nokonyaka odlule, 2006. AmaLungu aHloniphekile angafakaza ukuthi ekuhambeleni kwawo izikole ngezinsuku zokuqala kuvulwe izikole, ama-95% ezikole ayezihambe ayeyizikole okwabe sekuthunyelwe izinsiza ngokuphelele (100%). Udaba lokuhlinzekwa kwezinsizakufunda luyefana yonke indawo nalokho amalungu ahloniphekile azibonela khona mathupha.

Ingxenywe yempumelelo yokuhlinzekwa kwezinsiza ingachonywa ekutheni yingenxa yezinhlelo zethu zokuhlola nokuqapha okwenzeka ezikoleni. Kuze kube manje ithimba ebilibhekene nalo msebenzi laqokwa ukuze lelekelele uMnyango ekuqapheleni umsebenzi wezinkampani eziphethe umsebenzi wokuthunyelwa kwezinsizakufunda. Ngaphezu kwalokhu siluhlembile lolu hlelo salubekela imidiyo emisha khonacluzoqonda ngqo futhio lunciphise isikhathi phakathi kokufakwa kwe-oda nokufinyelela ekuthunyelweni kwencwadi kumfundi esikoleni.

## ***Ukuhlinzekwa Kwezincwadi Zemitapo***

Ukufunda yisidingo esiyisekelo ekusebenzeni ngempumelelo kwezemfundo futhi sibona ukuhlinzeka izincwadi zemitapo yezikole njengesidingo esikhulu. Isamba sezigidi ezingama-R40 zisetshenzisiwe ngonyaka wezimali wezi-2006/07 ekuthengeleni izikole ezingama-652 izincwadi. Ukuthunyelwa kwazo kuyaqhubeka njengoba sikhuluma nje lapho sisebenzisa khona abashayeli bendawo okubuye kube ngumnikelo emnothweni wezindawo ezimpofu.

## ***Uhlelo lukaZwelonke lokuhlinzekwa kokudla Ezikoleni***

Unyaka ofile bekungunyaka wesithathu lo Mnyango weMfundo ungenise uhlelo lukaZwelonke lokuhlinzeka ngokudla ezikoleni (NSNP). UMnyango uthatha ukukwazi ukuthola ukudla njengenywe yezinsika zomkhankaso wethu wokulwa nobubha nendlala. Loluhlelo lokudla ezikoleni selube olumqoka kakhulu ekukhuthazeni ukukhiqizwa kokudla ezinhlelweni zomnotho ezikoleni nasemiphakathini eyekhelwe yizikole futhi lwaqinisa izimfundiso zokudla ukudla okunomsoco eziyinxenye yohlelo lwezifundo lwethu.

Kafishane nje, zibalelwa ezi-3 663 izikole ezibambe iqhaza kulolu hlelo esibala kuzo eziyi-16 ezingezabafundi abanezidingo ezihlukile. Sekukonke kondliwa abafundi abayisigidi namakhulu amathathu kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu ezinsukwini eziyi-156 zonyaka wokufunda. Uhlelo lolu selwenabele ekondleni izikole eziyi-151 zaseMzimkhulu ngendlela efanayo naleyo obeluvele luhambangayo esifundazweni sonkana.

Uhlelo lokudla okudliwayo luyefana futhi luchazisisiwe khona luzohlinzeka ngokudla okunomsoco. Kunabapheki abangabalelwa ezi-4000 abapheka lokhu kudla. Ngonyaka odlule ngachaza ukuthi sesiqeqeshe izinkampani zokubambisana abesifazane ezingama-43 ezindaweni zabo ukuze zizombandakanyeka kulolu Hlelo. Namuhla sengibika ngingenqeni ukuthi zonke lezi zinkampani ziqale ukusebenza ngokugcwele kusukela ngoNtulikazi 2006 futhi zinikezela ngamathuba omsebenzi abedingeka kubantu abayingama-400 emiphakathini ehlwempu.

## ***Izikole Okungakhokhwa Kuzo***

Inqubomgomo Yokungakhokhwa kwemali yesikole yaqala ukusebenza ukuze kuzoqinisekiswa ukuthi zonke izingane eziseminyakeni yokuba sesikoleni ziyawathola amathuba okufinyelela emfundweni. Ziningi izingane ebezivimbeleka ekufinyeleleni emfundweni ngenxa yesimo senhlalo nesomnotho sasemkhaya azo. Izingane bezibanjelwa amariphothi nemiphumela yokuhlolwa kwazo ngokungemthetho ngenxa yokungabi namandla kwabazali okukhokha imali yesikole. Ukungeniswa kwale nqubomgomo kuzosho ukuthi abafundi ezikoleni esezihlonzwe njengezingezukuyiqoqa imali kubafundi bayafinyelela emfundweni yamahhala. Iminikelo yokuthanda evela emalugwini omphakathi nakubazali abanamandla isamukelekile nakuzo lezi zikole.

Sihlalo siyazigqaja ngokuqala ngalolu hlelo lwezikole ezingakhokhisi mali esifundazweni sethu oseluhlomulise abampufu kakhulu abangama-20% ezikoleni ezingena ngaphansi kwe-Quintile 1. Ngonyaka wezimali odlule 2006/07 sikwazile ukubona ukubukezwa kwezindlela zokuhlela izikole oselubheka ubunjalo nesimo sabazali sobuphofu. Izikole eziningi ebezingaqaguliwe kahle ezigabeni ezifanele zazifakwe esigabeni sezikole ezinobho zibe zihlwempu sezifakwe ezigabeni ezifanele. Kuningi okusazokwethulwa uma sengikhuluma ngezinombolo khona maduze nje.

## ***Ukuthuthukiswa Kwamakhono Ngokwamakholeji akwa-FET***

Ngizizwa ngingumuntu uma ngibika ngendlela amakolishi akwa-FET asezilungiselele ngayo ukuze ezobhekana nenselelo yokubamba iqhaza elikhulu ekuthuthukisweni kwamakhono esifundazweni sakithi. Ngonyaka wezimali wezi-2006/07 imali yokuhlelwakabusha yamakolishi eyigidi eziR90 ilekelele amakolishi ekuthini:

- Akhuphule izinga lezindawo zokusebenzela ezingama-35 namagumbi okufundela
- Akhuphule izinga lezikhungo zamakhono ezingama-21
- Athuthukise izinhlelo zokuphatha
- Aqeqeshe abafundisi ngesiTifiketi sikaZwelonke sezemisebenzi abuye
- Aqeqeshe abaphathi nezisebenzi zophiko oluphethe ngezinhlelo nezinqubo ezintsha zokuphatha.

Kulo nyaka luqalile uhlelo lwesitifiketi sikazwelonke sezemisebenzi emakolishi okuwuhlelo lweziqu olusha emakolishi akwa-FET. Zonke izinhlelo eziyi-11 zesitifiketi ziyatholakala emakolishi esifundawe sethu Kusukela ekuqokweni kwami ukuba ngibe uNgqongqoshe wesifundazwe ngonyaka wezi-2004 belokhu ngigqugquzele njalo amakolishi akwa-FET ukuthi angazivaleli imiklamo yawo ezinhlelweni zemfundo ezinde kepha abuye abheke nalezo ezimfishana zemisebenzi yezandla zibhekiswe ezinkulungwaneni zentsha engasebenzi. Kulo munxa ngaphezu kwesitifiketi sikwazwelonke amakolishi ethu asefundisa izifundo ezimfisha ngezindlela zokuhlela nezamakhono afana nelokubaza, ukubeka isitini, ukusebenza ngogesi, ukufakela amapayipi nokushisela.

Kubalulekile ukuba ngisho ukuthi intsha eyizi-122 488 nabadala sebehlomulile kulezi zinhlelo zokufunda ezimfishane ngokuphela kuka-2006.

Isamba sezigidi eziyi-R18.5 sahlizelwa isifundazwe sethu sizobhekana nemifundaze njengesikhwama sokwelekelela abafundi ukuze bezobhalisela isitifiketi sikazwelonke sezemisebenzi. Siyabonga kwabakwa-National Student Financial Aid Fund asebesisizile ekuhlungeni izicelo zalolu sizo. Imifundaze eyizi-2411 kulesi sikhwama ihlonyulwe abafundi.

Isikhungo i-Tooling Centre of Excellence: Nyakenye ngimemezele ukuthi ngokubambisana nembali yezamathuluzi sizosungula isikhungo esizokwaziwa nge-Tooling Centre of Excellence. Njengoba sesivele samkele abafundi ophikweni lwase-Plessislaer loMgungundlovu FET College, ukwakha kuyaqhubeka sekuya ekuphothulweni ekolishi le-FET laseThekwini e-Coastal KZN FET College. Isifundazwe saKwaZulu-Natali sisekhaleni ekuvuseleleni imboni ebesifadabala yokwakhiwa kwamathuluzi eNingizimu Afrika. INingizimu Afrika idinga abakhi mathuluzi abayizi-54 000 kanti sizibekele ukufinyelela sithi sifika enyakeni wezi-2014 sibe okungenani ama-22% abakhi mathuluzi bebe bezinze esifundazweni sakithi KwaZulu-Natali. Ngokwezibalo umakhi mathuluzi oyedwa uqinisekisa ukuvela kwamathuba emisebenzi ayi-10.

Oyedwa kwesibambisane nabo aboMsobomvu Youth Fund ekuthuthukisweni kwamakhono kuleli zwe. Lesi sikhwama sesihlinzeke ngoxhaso emakolishi ethu amathathu kulesi sifundazwe. Ikolishi laseMfolozi lihlomule ngesigidi namakhulu amane amarandi sokuqeqesha intsha kwezezingadi zomphakathi, kweze-hydrophonic cooperatives nasekufuyweni kwezinkukhu. Ikolishi i-Coastal KZN linikwe izigidi ezintathu zamarandi emkhakheni wezobunjiniyela nokukhiqiza. UMsobomvu unikele ekolishi laseMgungundlovu ngesamba sezi-R500 000 sokwakha isizinda sokwaluleka intsha engaqashiwe ibe ineziqo nabanye abayintsha abadinga usizo kwezokuthuthukiswa kwamakhono.

Umsebenzi we-Monuments of Peace ngokubambisana nehovisi likaNdunankulu isunguliwe khona izobheka amathuba okuqeqesha ukumbandakanya nokusebenzisa ababeyingxenywe yabazabalazi ekwakhiweni kwezindlu zangasese ezikoleni zasezabelweni esifundazweni. Kwababengamasotsha omzabalazo abangama-200 abangama-99 sebeqeqeshiwe yikolishi laseMgungundlovu emakhonweni okwakha ngo-2006 kanti abanye abayi-100 sebebhalisele ukufunda ngo-2007.

Ngokubambisana noMnyango wezokuHlunyeleliswa kwezimilo iziboshwa ezili-150 zibhalisiwe ekolishi laseMajuba emikhakheni ye-civil, mechanical kanye ne-electrical kanye nakowamakhompyutha.

IsiFundazwe sikhethe ukuvivinya uhlelo lokuxhumana kwamakolishi olubizwa ngokuthi yi-Virtual Private Network olwabelwe izigidi ezingama-R65 million. Onke amakolishi kanjalo neNhlokohovisi isixhunyiwe kwezobuchwepheshe. Lokhu sekukhulise amaxhama okuxhumana phakathi kweNhlokohovisi nezinhlokohovisi zamakolishi onke njengoba eyisi-9.

## ***Izikole zobuchwepheshe nezigxile emikhakheni ethile***

Ngonyaka ofile sabele izigidi ezingama-R20 ekuhleleni kabusha izikole ezigxile emakhonweni obuchwepheshe. Sifake ama-laboratory amakhompyutha ezikoleni eziyi-17 ezingekho ngaphansi kwesigaba sama-21 ngohlelo lwe-auto CAD programme for Engineering Graphics Design and Civil Technology. Izikole eziyi-18 zesigaba sama-21 zanikezelwa ngezimali zokuxhunywama kwamakhompyutha nokuthengwa kobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe (Civil, Electrical and Mechanical Technology).

Izikole eziyi-11 zesigaba sama-21 zithole izimali zokuthenga izinto zokusebenza zesifundo se-Consumer Studies and Hospitality Studies. Phezu kwalezi sinezikole eziyi-10 ezingekho esigabeni sama-21 ezithunyelelwe izimpahla zokusebenza zesifundo se-Consumer Studies and Hospitality Studies. Izikole eziningi zezolimo esifundazweni zabelwe izimali zokuxhuma ama-laboratory amakhompyutha. Sibuye sathumela amathuluzi ezolimo ezikoleni ezisifundisayo lesi sifundo sezolimo ezingama-517.

## ***Ukuqeqeshwa kothisha***

UMnyango weMfundo KwaZulu-Natali ubunyusa iziqu zothisha abayizi-3000 abebengenalutho kanye nalabo abanezicucu ezingenele zokufundisa.

Ngaphambi kokungena kwentandoyeningi ngonyaka wezi-1994, iminyango eyahlukene yangaleso sikhathi yayinezibalo ezahlukene zothisha abangenazo iziqu zokufundisa (ibanga 8-kuya kumatikutsheni) nalabo abanezicucu ezingaphelele (umatikutsheni nonyaka owodwa wokuqeqeshwa kuya kwemibili). Iminyango eyayithinteka kakhudlwana kulokho yileyo yozimele kanye noMnyango wemfundo nokuqeqesha. Ocwaningweni olwenziwe uMnyango kaZwelonke weMfundo ngonyaka wezi-2002 iKwaZulu-Natali yiyo eyayiholobha phambili ezibalweni zothisha abangenazo iziqu zokufundisa nabanezingaphelele.

Phakathi kuka-2004 no-2007 isibalo sothisha ababhalise ezikhungweni ngenhloso yokukhuphula iziqu zabo sithi bayizi-2963.

Uhlelo luka-2007 lokubabhalisa seluyaqhubeka njengoba sikhuluma nje. Othisha abayi-1150 bayabhaliswa ezikhungweni ezimbili zemfundo ephakeme: iNyuvesi YaKwaZulu neNyuvesi YaKwaZulu-Natali. Izwe lase-Netherland yilo elixhase lokhu ngokuxhumana noMnyango weMfundo kuZwelonke.

## ***Ukuqashwa Kothisha***

Kusukela ngonyaka wezi-2004 ngabele imali eningi ekuqashweni kothisha ngenhloso yokufinyelela ekunciphiseni inani labafundi eliqondana nothisha oyedwa esikoleni. Leli nani selincishisiwe lisuka ku-36.1:1 laye lafinyelela ku-31.36:1 eminyakeni emithathu eyedlule. Lokhu kuyisibalo esiphansi ukwedlula zonke ezweni lonke. Le mpumelelo ishaye ihlombe ozakwethu esibambisene nabo emfundweni ikakhulu izinhlangano zothisha.

Olunye uphaphelwano lwegwalagwala siluthole ngokuphendula othisha betoho abayi-1 667 sabenza baqashwa ngokugcwele ngesivumelwano sesifundazwe (Provincial Collective Agreement No.1 of 2007). Lokhu kusizile ekubhekaneni nenkinga yokungabi nasiqiniseko somsebenzi kulabo thisha futhi kwengeza ulwazi olunzulu eMnyangweni ngobukhona kwalaba othisha. Njengoba ngakhombisa ngonyaka odlule siyohlala sikhona isidingo sothisha betoho ngezikhathi ezehlukene zonyaka ukuzobhekana nezikhala ezishiywe othisha abagulayo nabangekho ezikoleni ngezinye izizathu zemvelo. Kufanele kubhekiswe ukuthi ukunciphisa inani lothisha betoho kakhulu kuyokhuliswa futhi kwenziwa ngcono yisinqumo sokusabalaliswa kothisha njalo ngonyaka njengoba kuvunyelwene nezinyunyana ngaphansi kohlelo lwe-National Post Distribution Model.

Elinye lamaphuzu anomthelela kulokhu eliphikisa ukuguqulwa kothisha betoho benziwe abaqashwe ngokugcwele inkinga yothisha abangaqeqeshelwe ukufundisa. Lokhu kufaka othisha abaneziqo kepha abangaqeqeshelwe ukufundisa nalabo abangenazo iziqu noma ama-diploma. UMnyango unothisha abanengi abafundisa izifundo eziyindlala ezikoleni isifundazwe sonke. Kulokho uMnyango usuvumile ukuqasha othisha betoho bezifundo ezintulekile ukuguqulelela ekuqashweni ngokugcwele ngenhloso yokuba nohlelo lwama-Post olulandelekayo ekugcineni. Lokhu kumbandakanya othisha betoho abanazo iziqu kepha abangenazo ezokufundisa abaqashwe nguMnyango futhi abafundisa lezi zifundo: izifundo zobuchwepheshe ezifaka ukucwalwa kwezindle; Technical Drawing; umculo; ukudansa; imidanso yesiGriki, umlando wezomdanso nesimo somuntu, isifundo se-Hotel and Catering Industry, librarians, education therapists, psychologists, social workers, nursing ezikoleni zabafundi abanezidingo ezehlukile, Ballet accompanists, Speech and drama, ezobunjiniyela, ezolimo, Computer and information Studies, Marime Studies, Utility services ne-social services.

Phezu kwalaba uMnyango usufake abeZibalo, Physical Science, Biology, Accounting, Bussiness Economics kanye ne-Economics ohleni lwalezi zifundo. Lokhu kuzohlomulisa othisha abaneziqo kepha abangenasi isitifiketi sobuthisha abaqashwe ngokwetoho. Labo thisha bazoqashwa ngokuphelele futhi ngeke banqanyulwe njengabetoho. bangabhekelwa uma kubhekwa abazokhuphula izifundo zabo ngokuxhaswa nguMnyango.

Izivumelwano ezinhlanganyelwe ezimbili kufinyelelwe kuzo zasayinwa ngonyaka wezimali odlule, 2006/07. Lezi yisivumelwano 3 sonyaka we-2006 nesivumelwano 5 sonyakawezi-2006 kanti zinikezela nge-1% ekunyusweni kweholo kwaminyaka yonke, 3% ekunyuseni okukhulayo no-7% kothisha abaguqula isigaba seholo kulabo abafanele

(salary progression (1 per cent), accelerated progression (3 per cent) and grade progression (7 per cent) to eligible educators). UMnyango wethu ungomunye wemibalwa ekwazile ukusebenza ngalezi zivumelwano ngezikhathi ezibekiwe.

## ***Abesifazane Ezikhundleni Eziphezulu Zokuphatha***

Ngo-2006/2007 ngikukhombisile ukuthi uMnyango uthatha izinyathelo ezinqala ekubhekaneni nodaba lokungameleki kahle kwabesifazane ezinhlakeni zokuphatha koMnyango ezingeni eliphezulu. Kuyathokozisa namuhla ukuthi sengiyakwazi ukubika ukuthi uMnyango uqhubekile nezinhlelo ezifana nalezi zokwenyuswa kwesibalo sabesifazane. Kumanje inani lenyuke lisuka ema-29% laya ema-37% ngonyaka odlule nje kuphela. Lokhu kuhluke kakhulu kune-17% engalithola ngifika kulo Mnyango ngizoba nguNgqongqoshe weMfundo. Sizimisele ukufeza isidingo semiklamo kazwelonke engama-50% ngokuphela konyaka wezi-2009.

## Ukuphatha

Uphiko lwezokuphatha eMnyangweni lulokhu luqhubekile nokuba yindlela yokuqinisekisa ukwesekela ekunikezelweni kwemfundo enohlonze esifundazweni. Emva kwezixoxo ezithathe izinyanga nesibambisene nabo sigcine sivumelene saqeda ngokubuyekeswa kohlelo lwesimo sezigaba zezikhundla kulolu phiko ngoLwezi 2006. Ngikhuluma nje siphezu komkhankaso wokuqasha abantu ezikhundleni ezibalulekia ezivezwe uhlelo olusha lwezikhundla eMnyangweni. Lezi zikhundla zifaka ezokuphatha kanjalo nezimayelana nezifundo ezithile ophikweni lwezokwaluleka ngokwezifundo nangokwengqondo.

Amalungu amakomidi ama-Portfoli ezezimali neMfundo kanye neKomidi elimiyo lama-Public Accounts, azoyikhumbula imizamo esesiyenzile yokuhlela kahle uMnyango uma kuziwa ekuphathweni kwezezimali. Sekungunyaka wesibili lo ilandelana sithola umbiko womphanyi-mabhuku emva kweminyaka emihlanu uMnyango uchithwa. Okubalulekile ngonyaka wezi-2005/6 uMnyango waphumelela endaweni yayinye nje vo. Sisebenza ngokuzikhandla okukhulu ukuthi ngelinye ilanga sithole umbiko ongenazici ophuma kuMphenyi Mabhuku Omkhulu.

Sijabuliswa nawukuthi uhlonze lwezokuphathwa kwezolwazi olusuka ezikoleni luye ngokuthuthuka okukhulu ngonyaka odlule, 2006/07. Izimali ezabelwe lo msebenzi ngonyaka owandulelayo zakwazi ukuvumela uMnyango ukuthi uqashe abasizi bezobuchwepheshe ukuze bazoqalisa uhlelo lwezokuphatha i-South African School Administration and Management System (SA SAMS) and the Learner Unit Record and Information Tracking System (LURITS) futhi sathenga amathuluzi okusebenza afanele ukuze sisekele abezokugcinwa kolwazi ezigondini (EMIS).

Ezemidlalo Ezikoleni nohlelo lokumbandakanya okungukhukhulela ngoqo.

Uhlelo lwezikole lokumbandakanya okungukhukhulela ngoqo kwezemidlalo luwuhlelo lokubambisana phakathi kwethu noMnyango Wezemidlalo nokuNgcebeleka kanti lufaka izinhlelo zemidlalo ngaphakathi ezikoleni naphakathi kwezikole esifundazweni zonke.

- Sekuhlonzwe izikole ezingama-159
- Abasizi bezikole abayi-159 nabadidiyeli bamaqoqo abayisi-9 nabaphathi ababili sebeqashiwe.
- Othisha namavolontiya ezinhlotsheni zemidlalo eziyisithupha baqeqeshwa yizinhlangano zesifundazwe zomdlalo nomdlalo kanye ne-Academy of Sport.
- Izidingo zemidlalo zahlinzekwa ezikoleni eziyi-159
- Imicimbi yezemidlalo ibanjwe ngempumelelo kuwo wonke amaqoqo njengoba eyisi-9.

Siyabonga kuNgqongqoshe uRajbansi ngothando lwakhe lokweseka nokubambisana noMnyango weMfundo.

# Ukungenelela Okumqoka Kuka 2007/2008

## ***Izinhlelo zoMnyango zokungenelela kulo nyaka wezimali yilezi:***

### ***Abasebenzi***

UMnyango usandakuphuthula ukubhalwa kohlelo lwamasu okuqasha nokuphatha izisebenzi zoMnyango (Human Resource Plan). Lolu hlelo luveza indlela yethu yokuthuthukisa amakhono abasebenzi boMnyango kanti luyahambisana nemiklamo yokulinganisa yoMnyango.

Ngokuhambisana noMthetho wokuThuthukiswa Kwamakhono uMyango usubeke eceleni i-1% esabelweni sabasebenzi okuhlinzekelwe ngawo ukuqeqeshwa nezinhlelo zokuthuthukiswa kwabasebenzi njengoba kuhlonzwe ngezinhlelo ze-Performance Management and Development System (PMDS) ne-Integrated Quality Management System (IQMS).

### ***Isandulela Ngculazi Nengculazi***

Uhlelo lokuthuthukiswa kwamakhono empilo i-Life Skills nolwe-HIV and AIDS Education Programme ziyizinhlelo zokunqanda isifo singangeni kumuntu. Lezinhlelo sezifakwe zaba yingxenye yezifundo zonke ezikoleni zethu zamabanga aphansi nezamabanga aphezulu. Sekuqeqeshwe othisha bojahidada cishe abayizi-2 880 abayizi-22 400 bakwa-GET nabayizi-3 400 bebanga le-10 nele-11 ukuze bezoqhubeka nalolu hlelo. Lolu hlelo seluqaliwe esifundweni sezamakhono empilo i-Life Orientation Learning Area kuzo zonke izikole zethu.

Sihlalo uhlelo lwebhizinisi luhlinzeke ukuthi sibe nohlelo lokwengeza lokuqeqesha othisha bebanga le-12 kulokhu. Ukungeniswa kolwazi lwesandulela ngculazi nengculazi ezinkundleni zokufunda zonke kuzokwenziwa ngokuphelele nasezikhungweni zebanga-R eziyizi-2 800.

### ***Ukwandiswa kwezikole Okungakhokhwa kuzo***

Ngonyaka owedlule izikole eziyi-1 341 eziku-Quantile 1 zahlonzwa njengezikole okungezikhokhiswa kuzo imali yesikole. Isabelo somfundii ngamunye besingama-R569 esingaphezulu kwezinga elibekwe kuzwelonke elingama-R527 umfundi. Sisikhuphulile lesi sabelo sasibeka ema-R629 umfundi kulo nyaka.

Nonyaka, izikole ezingakhokhisi mali sezinyuswe zafaka izikole eziku-Quantile 2. Sinesibalo sabafundi abayizi-503 386 ezikoleni eziyi-1212 ezisesigebeni se-Quantile 2. Lokhu kwengeza esibalweni esivele sikhona sika-Quantile 1 sabafundi abayizi-676 110 ezikoleni eziyizi-2 130. Ekugcineni sinesibalo sabafundi abayisi-1 179 496 ezikoleni eziyizi-3 342 okuhumusheka kube ama-42% abahlomula kulolu hlelo uma sikuqathanisa nesibalo sonke sabafundi esinabo esifundazweni. Izikole eziku-quantile 2 bengezelwe esabo isabelo ngonyaka wezi02007 sasuka ema-R442 saba ama-R560 umfundi ngamunye.

### ***Ukuqiniswa kwezikole zasezabelweni nezasemapulazini***

UMnyango wethu uqale isu lokuqinisa nokuhlenganisa izikole zasezabelweni kanjalo nezasemapulazini ngenhloso yokuzivuselela nokuhlinzeka ngezinsiza ngokwanele khona zizokwazi ukubhekela inani elithe xaxa labafundi khona ezabelweni noma emapulazini.

Lolu hlelo lokuqinisa nokuhlanganisa luzofaka ukwakhiwa kabusha kwezikole zasemakhaya nezasemapulazini khona abafundi bezoba nezikole ezinkulu futhi ezinezinsiza kufunda zonke ezifaka ama-laboratories imitapo yolwazi kanye namkhompyutha. Sizodlula sibahlinzeke ngezinto zokuhamba abafundi ukusuka emakhaya ezikoleni abahamba amabanga amade beya esikoleni. Ngonyaka wezimali wezi-2007/08 sihlose ukwethula uhlelo e-Appelsbosch naseMsinga ngendlela yokuluhlola. Loluhlelo luzofaka ukhlinzekwa kwezidingo zokulalisa abafundi esikoleni (boarding facility) eMsinga secondary kanye nasekolishi okwakungelamathishela phambilini. Lo mkhankaso uyoisivumela ukuthi silalise abafundi abangama-800 eMsinga nabayi-1200 e-Appelsbosch. Kulo nyaka sabele lo msebenzi izigidi ezingama-R20.

Uhlelo Lokwenza ngcono Imiphumela kaMatikuletshe (Senior Certificate) – izigidi ezingama-R20) Sisungule uhlelo oluqhubekayo lokuthuthukisa imiphumela kamatikutsheni (Senior Certificate Improvement Plan) ukuze sizokwenza ngcono imiphumela yebanga le-12. Silwethulile loluhlelo mhla zingama-25 kuMasingana 2007. Ukugxila kwalo kusezikoleni ezithole ngaphansi kwama-50% nalezo zikole ezingazinzi emiphumeleni emihle ebezehla zenyuke eminyakeni emihlanu edule. Sigxile futhi ezikoleni ezehlwe yimiphumela ngokwevile e-10%.

Uhlelo lwethu lusekelwe ekuqondeni kwethu ukuthi isikole siyohlale siyinsika yokuqhuba esikuphathisiwe singuMnyango weMfundo KwaZulu-Natali. Maqondana nalokhu abaphathi abakhulu boMnyango beholwa yimi kanye neNhlolo yoMnyango sesiqalile futhi sizoqhubeka nokuhambela zonke izigodi ziyohlangana nabaphathi bezikole emizamweni yokusebenza ngempumelelo nangokugabavula.

## ***UMasifundisane (izigidi eziyi-R100)***

Sihlalo, njengoba ngitshengisile ekuqaleni umkhankaso kaMasifundisane unenqubekela phambili emangazayo, sekubhaliswe abafundi abayizi-33 000 emasontweni, emapulazini, ezindaweni zokusebenza, emajele, nasemiphakathini.

Abafundisa ukufunda ukubhala nokubala bafinyelela emagqumeni, emathafeni onke esifundazwe sakithi lapho abangafundile behlala khona. Sihlose ukunyusa isivinini ngonyaka wezimali wezi-2007/08 futhi sizothola abafundi abanye abayizi-33 000 siveze futhi amathuba omsebenzi ayizi-3000 kwabafundisayo nakwabaphethe abafundisayo nabahlolayo abangama-300 kulo nyaka. Okunye okuyintuthuko yalo nyaka ukuthi ngaphezu kokufundiswa kwesiZulu kuzoqalwa kufundiswe isiXhosa, seSotho isiNgisi ne-Braille yabangaboni.

## ***Lolu hlelo silwabele (izigidi eziyi-R100)***

Ukhlinzekwa kwezokuxhumana ngobuchwepheshe (ICT) I-White paper emayelana nemfundo ngokwezobuchwepheshe (e-education) idinga ukuthi abafundi nothisha basesigabeni sakwa-GET nesakwa-FET ezikoleni babe sebekwazi ukusebenzisa ezokuxhumana ngobuchwepheshe bonke ngonyaka wezi-2013. ngonyaka wezimali wezi-2007/08 sihlinzeke izigidi ezingama-R40 ekuqhubeni loluhlelo lwe-ICT.

Ama-laboratory amakhompyutha ayokwakhiwa ezikoleni ukuze sizoqinisekisa ukudidiyelwa kwe-ICT ekufundeni kwabafundi. Ngaphezulu kokuqeqeshwa kwezobuchwepheshe bamakhompyutha kothisha bakwa-FET ulwazi oluyisisekelo lwamakhompyutha luzofundiswa kubo bonke othisha kanye nabaphathi.

## ***Ukulelwa Kabusha kwezikole zobuchwepheshe nezigxile emikhakheni ethile***

Ngikubalulile ekuqaleni ukuphumelela kwethu ekuhleleni kabusha izikole zezobuchwepheshe nezemisebenzi ehlukene ezigxile kuyo emkhankasweni wethu wokwenzangcono nokuphumelela emakhonweni emisebenzi yezandla. Ngokubhekela ukuthi iningi lalezi zikole lizinze ezindaweni zabadla imbuya ngothi sibone kuyisu elihle ukuthi siqhubeke nokuzihlela kabusha njengoba siqale ngonyaka odlule, 2006/07. Kulokhu uMnyango wabe isamba sezigidi eziyi-R110 kusukela enyakeni wezimali wezi-2006/07 kuya kowezi-2008/9 ukuze uzohlela kabusha lezi zikole. Ngo-2007/2008 uMnyango usubeke eceleni izigidi ezingama-R40. Inhloso ngeyokhlinzeka izikole ngamathuluzi nezinsizakalo zokusebenza zokuqeqesha ngokwenza ngezandla kanjalo ne-hardware ne-soft ware entsha yamakhompyutha yezinhlelo ze-IT.

Njengenxenywe yomkhankaso wethu wokukhuthaza izikole ezigxile ezifundweni ezithile nezobuchwepheshe ikakhulu sibheke kwezolimo uMnyango wethu usuhlanganyele noMnyango Wezolimo nezokongiwa kweMvelo ekuhlinzekeni ngosizo ezifundweni kanye nolunye usizo kulezi zikole kusukela ngalo nyaka wezimali esikuwo.

## ***Izingqalasizinda***

Ukuqeda inkinga yokusilela kokuhlinzekwa kwamagumbi okufundela nezindlu zangasese kuselokhu kuyinselelo enkulu eMnyangweni ikakhulu ngenxa yokuswela amandla kwezinkontileka ukuqala aqede imisebenzi eyinani elinjengoba lihleliwe. UMnyango uhlele ukuqhubeka nokusheshisa uhlelo lokwakha amagumbi okufundela ngaphansi kohlelo olwaziwa nge-Accelerated Needs Delivery Programme ngokulukhulisa khona luzovumela ukuhlinzekwa kwamanzi nezinsiza zokub nezindlu zangasese ezishyawayo. Lolu hlelo luvumela ukufunwa kwezindlela ezinye zokuthunyelwa kwezinsizakalo kubantu njengokuphathwa kohlelo lokuphatha ezokwakha nezokuthengwa kwempahla.

UMnyango ubheke nenye inselelo emalungana nokuhlinzekwa kwamahhovisi ezigodi zethu. Isabelozimali asikuhlinzeki ngokwanele ukwakhiwa kwamahhovisi esigodi evilekwamabili ngonyaka futhi isidingo siyeadlula kude imali ekhona.

Ngaphezu kwakho konke izingqalasizinda zinesidingo sokwakhiwa kabusha kwezikole zasemapulazini nezasemakhaya kanye nokunikezela ngezinto zokuhamba kubafundi bakhona. Ukungeniswa kohlelo lwesiTatimende soHlelo lweziFundo sikaZwelonke kuqubula kabusha izidingo sokuba sibe nezikhungo zolwazi lwezingcweti nezakhiwo. UMnyango usakha isu lokuguqula isimo sokuthunyelwa kwezinsizakalo nezinqalasizinda ezikoleni futhi usazoqhubeka nokusebenzisa izinkampani ezizimele ekuthunyelweni kwemisebenzi.

Ukuze uzokhulisa amandla okukwazi ukuthunyelwa kwezinqalasizinda ngohlelo lwe-Infrastructure Development Improvement Programme (IDIP) uMnyango uhlose ukuthola usizo lokusebenza esikhathini esifishane kuya kwesilingene khona kuzofundiswa amakhono kwengezwe namandla okwenza ezisebenzini eziqashwe ngokugcwele abazoqashwa ngalo nyaka wezimali. Sikwazi ukuphumelela kuphela ngokuba nabasebenzi abanolwazi namandla okusebenza ngempumelelo ekuthumeleni izingqalasizinda ezikoleni zethu.

## ***Uhlelo Lokusebenza Kangcono Lwe-QIDS-UP***

Uhlelo lokuthuthukiswa nokwenziwa ngcono ukuthuthukiswa nokusekwa (Quality Improvement, Development, Support and Upliftment Programme) -QIDS-UP wuhlelo lokuhlinzeka labo ababencishwe amathuba phambilini oluhlose ukunikeza zonke izikole zaseNingizimu Afrika amathuba alinganayo ekunikezeleni ngemfundo enohlonze kubafundi bonke. Lugxile ezintweni ezilandelayo: ukuthi ububha wuphawu olugqamayo ekufundeni kwabafundi abaningi kuleli zwe; ukuthi laba bafundi bahamba izikole eziningi ezisezindaweni ezikude zasezabelweni zamakhosi, emakhaya, emapulazini nasemalokishini; nokuthi inani elikhulu lezikole eNingizimu Afrika lisebenza ngabafundi abangenalutho uma kubhekwa izinsiza ezingabenza bafunde imfundo enohlonze. Lokhu kunomthethelela ongemuhle ekuhlinzekeni imfundo enohlonze kanti lezi zinselelo zinqinda amathuba empilo kubafundi abakulezi zikole futhi kunqinda amandla okuhlinzekwa kohlelo lwemfundo elinganayo kubo bonke abafundi baseNingizimu Afrika.

Ngo-2007/08 isiFundazwe sesabe isabelo sezigidi ezingama-R40 kulolu hlelo. Lapha kuqondwe izikole zama-quintile 1. Sihlele ukufaka nezikole ezingena ku-quintile 2 no-3 nezikole ezifundisa abafundi abanezidingo ezihlukile eminyakeni emithathu ezayo.

Izikole ezihloswe yiolu hlelo lwe-QID-UP zizothola ukusekwa ngezinsizakufunda nokufundisa ezizothuthukisa ulwazi lokufunda, ukubhala nokubala namathuluzi okusebenza efana nama-photocopier kanye nama-feksi, kanye nokwakhiwa kabusha kwamagumbi okufundela.

## ***Ukuthunyelwa Kwezincwadi ezithe xaxa ezikoleni***

Kwabiwe ezinye izigidi ezingama-R40 esabelwe ukukhuliswa kokuthunyelwa kwezincwadi zemitapo ezikoleni ngonyaka wezi-2007/08. Kubuye kwabiwa izigidi eziyi-R12 ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi isigodi nesigodi kweziyi-12 zethu siba nomahambanendlwana womtapo wolwazi ozobhekana neqoqo lezikole eziyi-16 okungafinyelela kubafundi abangama-20 000 iqoqo neqoqo. UMnyango usebenzisa inqubomgomo yesifundazwe yokufunda (Provincial Reading Policy) lapho izikole eziyi-100 zisetshenziseswa njengezokuvivinya uhlelo lokwenza ngcono amazinga okufunda kubafundi.

## **Ukuphepha Ezikoleni**

Ukuphepha ezikoleni kuyinkinga enkulu ethinta umphakathi wonke esithole intuba yokungena ezikoleni zethu esibe nemiphumela eshaqisayo esiyibonile kulezi zinsuku.

Kulo nyaka siyabiyi kuzo zonke izikole ezingabiyiwe. Sizobe sibheka ukuqasha onogada njengengxenywe yohlelo lwezemisebenzi yomphakathi olwenziwe banzi lokusheshisa ukuhlinzekwa kwezidingo kubantu (expanded public works programme). Izikole ezisengozini kakhulu kuzoqalwa ngazo kulokhu.

NgoNhlaba nonyaka sizobamba ingqungquthela yezokuphepha ezikoleni (Provincial School Safety and Security Indaba) lapho bonke ababamba iqhaza bezonikwa ithuba lokunikela ekwenzeni izikole zibe eziphephile la kungahlala khona abafundi nabafundisi.

Isibophezelo sethu ekuthuleni, esethulwe emkhulekweni wesifundazwe wokuthula obubanjelwe eSikhawini emavikini amabili edlule sizothunyelwa kuzo zonke izikole esifundazweni. Othisha nabafundi kulindeleke ukuba bsayine lesi sibophezelo baziphophezele ekukhuthazeni inhlonipho yomuntu nomuntu, uxolo, ukuvikeleka kanye nesithunzi sabafundi nothisha. Lokhu kuyobe sekudluliselwa kubazali nakuyo yonke imiphakathi ngokuhamba kwesikhathi.

## **Umkhankaso Wokwakhiwa Kwemigwaqo namabhuloho**

Sisebenza ngokusondelana noMnyango wezokuThutha ekuhlinzekeni imiphakathi ngemigwaqo yokufinyelela ezikoleni obekungafinyeleleki kuzo. UMnyango weMfundo unikezele ngolwazi eMnyangweni wezokuThutha olukhombisa izimo zemigwaqo ebheke ezikoleni zethu ebinikezwa yizikole uqobo. UMnyango wezokuThutha usubeke eceleni izigidi ezingama-R82 ezizothuthukisa ngazole migwaqo nokwakha amabhuloho abahamba ngezinyawo ngonyaka wezi-2006/07.

Lokhu kuzokwehlisa umthwalo wokuhamba ezingoxweni nasekuweleni imifula eyingozi uma abafundi beya ezikoleni ezindaweni zasezabelweni.. ithimba elihlanganise le Mnyango oweMfundo nowezokuThutha selakhiwe futhi siykwamukela lokhu kubambisana.

Isabelo esinikeziwe singaphansi kwesi-7% salokho okudingekayo ekugcineni ukuze kuzokwenziwa yonke imigwaqo okuhamba kuyo abafundi ephiphile. Le mali beyahlukaniswe ngendlela yokutho ama-67 % ( R55m) abhekene nemigwaqo kwathi ama-33 % ( R27m) abhekana namabhuloho abahamba ngezinyawo. Kuthintwe izinhlaka zama-Rural Transport Forums mhla ziyi-14 kuMandulo. Le misebenzi iqedwe ngoMandulo wezi-2006.

## **Ukuphathwa Kwezabasebenzi**

Isabelo zimali sonyaka wezi-2007/08 sizosivumela ukuba sibe nezikhala zokusebenza eziyizi-2000 ezizobekelwa othisha ababambela abanye noma yinini phakathi nonyaka. Ukuze sizobhekana nesidingo sokuguqula isimo sezifundo kwezinye izikole sibeke eceleni izikhala ezingama-955.

Sisungule izikhala ezingama-455 zothisha bebanga R. Lezi zikhala zizokwabela izikole ezazincishwe amathuba phambilini njengoba bekungavamile ukuthi zibe nalokhu esikhathi sakudala sobandlululo.

Ukushoda kothisha ezifundweni ezifana neZibalo, Physical Science ne-Travel & Tourism sekuphoqe uNgqongqoshe kwaZwelonke ukuthi aqalise uhlelo lokubuyisa othisha abaphuma ngempesheni noma ngohlelo lwephakethe (Voluntary Severance Package). Kuze kube manje sekube khona abafake izicelo abangama-427. Laba bafundisi bazoqashwa ngokwezinkontileka zabasebenza ngokungagcwele uma kunesidingo. Uhlelo lwethu lwabasizi bothisha (Teacher Assistant Programme) lubhekene ngqo naleminxa emibili yokulungela ukugabavula kwezemisebenzi.

Njengohlelo lwesikhathi eside esizayo uMnyango uhlela ukuqashwa kwabasizi bothisha esigabeni seMfundo eyisisekelo (Foundation Phase). Abasizi bothisha bayongena ezikhaleni zothisha ngokuphathwa kwamakilasi okungaye kufinyelele ema-40% angathintani kakhulu nokufundisa. Abafundi bayohlomula kulokhu ngoba uthisha uyokwazi ukubhekana nokufundisa bona ngamunye, lokho sekuyokwakha isisekelo esiqinile ikakhulu ekufundeni ekubhaleni nasezibalweni kusesekuqaleni kokufunda kwabo. Lokhu kuyokwenza abafundi babe sendleleni ebheke ekugabavuleni.

Esikhathini esifishane ekubhekaneni nesimo sokwehla kwemiphumela kamatikuletshe uMnyango uhlela ukuqasha bona abasizi bothisha ezifundweni ezibalulekile. Laba basizi bothisha bazotholakala kothisha asebethathe umhlala phansi, abafundi abaneziq abangaqashiwe, abafundisi basemanyuvesi asebethathe umhlalaphansi. Lokhu okwesikhashana futhi kwenziwa ngoba kuhloswe ukunqanda ukushona phansi kwemiphumela. Nakhona lapha leli su liqonde ukuthi sigabavule ekuhlinzekeni ngemfundo enohlonze.

## ***Uhlelo lukazwelonke lokuhlinzeka ngokudla Ezikoleni***

Uhlelo lukaZwelonke lokuhlinzeka ngokudla ezikoleni luhlose ukufaka izikole ezinezidingo ezihlukile zabakhubazekile nabafundi bebanga R bezikhungo zomphakathi ezibhalisiwe nonyaka. Sibheka esikufundile kulolu hlelo, sizokwandisa inani labafundi abaphakelwa inkampani eyodwaliye ezi-6000 ukuze sizoqinisekisa ukuthi lezi zinkampani nokubambisana kwamalungu omphakathi ziyaqala ukwenza inzuzo emizamweni yazo.

Okokuqala emlandweni wezikole ezihlinzeka abakhubazekile, zizoba nethuba lokuhlanganyela kulolu hlelo. Izikole ezingama-25 ezintsha zizohlomula kulo nyaka wezimali, 2007/08 ngaphezulu kweziyi-16 ebese zivele zihlomula. Ezinye ezisele zingama-boarding nezikole ezifunda emini bahambe abafundi kepha azikhombisanga ukuthi ziyadinga ukungena ohlelweni.

Izikole zikhethelwe ukungena ohlweni oluxhaswe yi-Flemish ngohlelo lokuthunyelwa kokudla oluqhubekayo olwenziwe ngokubambisana phakathi kweMnyango owezoLimo, owezeMpilo, owezeNhlalakahle kanye nabakwa-ELITS inhlangano engekho ngaphansi kukahulumeni. Kukhethwe izikole ezingama-85.

Amarisidi enyanga kaNdasa okusebenza kwezimali zalolu hlelo yima emukelwe ngenyanga kaMbasa osekungunyaka oladelayo lokhu okwenza angabe esadla esabelweni zimali sonyaka ofanele. UMnyango ubheka izindlela eziningi zokubhekana nalokhu.

## ***Imfundo Yabanezidingo Emphakathini***

UMnyango ususungule isu lokusetshenzwa nokunikezelwa kohlelo lwemfundo edidiyela bonke abafundi ndawonye (inclusive education) oluzongeniswa kancane kancane eminyakeni engama-20. Lolu hlelo lufaka ukufinyeleleka okukhulisiwe emfundweni kwabafundi abanezingqinamba ngakgo luguqula kancane kancane izikole luzenza izikole ezifundisa bonke abantu. Imfundo edidiyela bonke inemithelela nemiphumela ehamba ibanga elide yingakho idinga ukuthi bonke abathintekayo ukuthi babambe iqhaza kuyo ngoba imayelana nokwakha imiphakathi embandakanya bonke. Ukubambisana kweminyango kahulumeni eyahlukene ekwakhiweni kwezinhlelo ezihlangene kuyisidingo kulokhu ukuze kube yimpumelelo. Isabelo sesifundazwe asanele sisodwa kulokhu uma sibheka ukuqala nokuqhuba lolu hlelo lweMfundo Edidiyela bonke, ngesikhathi esibekiwe.

Uma kuhlelwa izinto zokuthutha abafundi izimo zokukhubazeka kufanele ziqashelwe. Izinto zokuhamba ezilungele ukugiza abafundi abanezingqinamba zidinga ukuguqulwa okukhulu.

Imfundo Yamabanga Aphakeme nokuqeqesha FET

UMnyango unesikhungo eziyi-9 ze-FET kanti izimpiko zazo zingama-74 esifundazweni sonke kanti zifundisa izinhlelo eziningi ezehlukene ezibhekiswe ezidingweni zemiphakathi esibala kuzo ezohwebo, ezezimboni kanye nesimo sezomnotho wesifundazwe saKwaZulu-Natali. Kuze kube manje kubalulekile ukuxhumana phakathi kwamakolishi, izimbongi, abamabhizinisi, uMnyango Wezabasebenzi, nabama-SETA kanye noMnyango wezoMnotho wesifundazwe khonakuzoqinisekiswa ukuthi amakolishi afundisa izinhlelo eziphendula ngqo izidingo ezahlukene zaleMinyango. Kubekwe izikhungo ezindaweni zasemakhaya ezifundisa okutholkala emakolishi khona abafundibasemakhaya bengeyuhamba amabanaga amade kakhulu.

## ***Imfundo Yojahidada***

UMnyango kuyimanje wakha isu lokungenisa uhlelo lokuhlinzekwa kwebanga R khona uzohlangabezana nezinhloso nemikhawulo yonyaka wezi-2010 we-White Paper 5. Leli su lizokwesekwa ezinqubomgomweni nasekuyalelweni yi-White Paper 5 edinga ukuthi ngonyaka wezi-2010 bonke abafundi abangena ebangeni 1 bebe kade besebangeni R.

Lapha sibeke phambili izikole ezimpofu. Lokhu kusho ukuthi uMnyango uzoqala ngokungenisa uhlelo lwebanga R ezikoleni ezikuma-Quintile 1 no 2 ngaphambi kokudlulela kweziku-quintile 3; ubuye ubheke isidingo saleli banga; ubheke nesidingo sezemali zokufaka leli banga; ubheke nokuqashwa kothisha abazobhekan nala mabanga; ubheke nezimo abazosebenza phansi kwazo; uqagule nokuzofundwa; ukunikezelwa kwezinsiza kufunda nokufundisa nezinye izinsiza; ubheke nezinqala sizinda ezibalulekile uma kuzoba nabantu bale minyaka.

Izigodi zicelwe ukuba ziqagule izikhungo ezintsha zebanga R ezikoleni zomphakathi njengoba kubhekwe ukuthi okungenani isigodi sibe nezikhungo eziyi-100 nonyaka. UMnyango awandisi izikhungo zasemiphakathini kepha uzifaka ezikoleni njengoba i-White Paper 5 ithi kufanele izikole zakhe ama-85% kuthi izikhungo zomphakathi zibe ama-15%. Njengamanje uMnyango umi esimweni esinje 75:25.

## ***Uhlelo Lwabantwana Lokunakekelwa Kwamehlo ezikoleni zamabanga aphansi***

Balinganiselwa ezi-45 000 abantwana KwaZulu-Natali abadinga izibuko zamehlo. Uhlelo oluhlenganisa imikhakha eyahlukene oluhlelwe abe-International Centre for Eye Care Education Africa (ICEE) luzohlomulisa zonke izikole zamabanga aphansi esiFundazweni ngkunikezela ngokushesha ngezibuko kubafundi abadingayo bese kwenza bakwazi ukuxhumana nezinhla ezikhona zikahulumeni uma sebethola ukunyangwa nosizo emva kokuthola izibuko. Lolu hlelo esibambisebene kulo noMnyango wezeMpilo luzogcina ngokuhlolwa amehlo kwabafundi ezikoleni eziyi-4353 zamabanga aphansi kanti lulungele ukunikezela ngezibuko zamehlo eziyi-36 000 kanye nezinsiza kubona ezinye ezingama-400 eziyokhishwa.

## ***Uhlelo lwemidlalo yezikole olungukhukhulela ngoqo***

Uhlelo lwemidlalo yezikole olungukhukhulela ngoqo luwuhlelo lwemidlalo yangaphakathi ezikoleni kanjalo naphakathi kwezikole ezahlukene olukubambisana phakathi koMnyango weMfundo nowezeMidlalo nokuNgcebeleka oluqale ngonyaka wezimali odlule oluzoqhubeka nalo nyaka wezimali wezi-2007/08. amaqoqo amasha ayisi-9 anezikole eziyi-162 zizongena kulolu hlelo. Izidingo zemidlalo eyahlukene izonikezelwa ezikoleni ezingama-321 futhi bonke abasebenza ngezinkontileka nothisha bazoqeqeshwa. Kulo nyaka wezimali kuzokwenziwa imicimbi yemidlalo engama-36

# Ukwethulwa Kwesabelozimali Somnyango

Izinhlelo ezilandelayo zibalulekile ekuthunyelweni kwemisebenzi nezinkonzo ezindaweni uMnyango ozobe ubheke kuzo ngonyaka wezimali wezi-2007/08:

## ***Uhlelo 1 – Ukuphatha : (Isabelo R1 084 282 000)***

Lolu hlelo luqukethe izimali zabaphathi abaphezulu nokuphatha konke koMnyango njengoba kuvela ngezansi:

### ***Ihhovisi likaNgqongqoshe: (isabelo R14 090 000)***

Kunokwehla okungatheni kulo nyaka wezimali uma siqhathanisa nsesabelo seminyaka edlule sezi-18 689 000. Lokhu kubangwe eminye imisebenzi eyenziwa kanye yenziwa ngenxa yokuhlelwa kabusha kwehhovisi likaNgqongqoshe.

### ***Ukuphatha Kwemfundo: (isabelo: R1 070 192 000)***

Ukuphatha kwemfundo kwakhiwe yizingxenyana ezahlukile ezifaka eye-Corporate Services, Human Resources Development (HRD), HIV & AIDS Conditional Grant kanye Education Management Information Systems (EMIS) ezibekwe obala esitatimendeni sesabelo zimali njengeziyizingo emkhakheni wemfundo. Njengoba kuchaziwe ngenhla kunemisebenzi esingayifakile esabelweni salo nyaka ngoba yayikade yenziwa kanye nje kwesangonyaka odlule eyayizobhekana nokuhlelwa kabusha koMnyango kanti manje sekuyaphothulwa. Kulesi sabelozimali siyafisa ukuthi siveze obala esikwabile:

- isandulela ngculazi nengculazi ozosebenza ekunikezeleni ngokwazi olubalulekile ekulweni nalolu bhuhane,
- izimali zokuqeqesha izisebenzi zoMnyango (HRD)
- nabe-EMIS ezibekelwe ukwenziwa ngcono ukuqoqwa, ukugcinwa nkuhlaziywa kolwazi okufaka ulwazi lwezinqanaba zonke zokwenzek eMnyangweni.

## ***Uhlelo 2 – Izikole Zomphakathi Ezejwayelekile: (Isabelo R16 078 596 000)***

Isamba esikhulukazi sesabelozimali soMnyango sibhekana nokuhlinzekwa kwezinsizakalo zokufunda ezikoleni zethu ezejwayelekile zomphakathi. Okulandelayo yizingxenyana zalokhu:

### ***Izikole Ezijwayelekile zomphakathi : (isabelo R15 582 029 000)***

Lesi sabelo sihlanganisa okubekelwe izikole zamabanga aphansi kanye nezamabanga aphakeme ezejwayelekile. Isamba esikhulu ngesamaholo othisha, 84% okusele kube okubhekele izinsizakufunda nokufundisa (Norms & Standards) 11% kanye nokuthuthukiswa kwezinqalasisinda kube yisi-5%.

Ukufinyelela emfundweni eyisisekelo kuyilungelo elingokomthethosisekelo. Kodwa kwabaningi abafundi ikakhulu ezabelweni zaKwaZulu-Natali ukufinyeleleka kwemfundo kuvinjwa amabanga amade okufanele ahanjwe abafundi beya ezikoleni.

Ukuze sizohlinzeka abafundi ngezinto zokuhamba KwaZulu Natali kuyodinga sihlinzeke izigidi ezingama-R900 okuyimali esingenayo esabelweni sethu. Sinezigidi eziyi-R10 kuphela esibhekana ngazo nezimo eziphuthumayo kuphela kulokhu kanti lolu daba luyisilonda ezinhliziyweni zethu sonke kanye nakulabo esibambisene nabo emfundweni ikakhulu abafundi nabazali.

Sisebenze futhi ngokubambisana noMnyango wezokuThutha ekuthuthukiseni izindlela okuhama ngazo abafundi

khona zizoba eziphephile ngokufakela amabhuloho kanye nokwakha imigwaqo ezindaweni zasemakhaya.

### ***Uphiko Iwama-Professional Services: (isabelo R79 331 000)***

Ekulandeleni imiklamo yomkhakha weMfundo sihlanganise izabelo ebezivame ukwahlukaniswa. Esophiko lwezokwaluleka kanye nesophiko lwezokuhlela. Ukunyuselwa kulokhu kube nje ama-4%. Ngumkhakha lo ozokhula ngokubonakalayo ngokuzayo khona sizobhekana nesimo sokushoda kwabeluleki bezifundo.

Uphiko lokuthuthukiswa nokuphathwa kwabasebenzi (HRD: (isabelo: R126 780 000)

Isabelo sihlanganisa okubekelwe abokuthuthukiswa kwamakhono nezikhungo zemfundo.

### ***Ezemidlalo nezamasiko ezikoleni : (isabelo: R30 450 000)***

Lolu phiko lunikezela ngezemidlalo kanye nezamasiko nobuciko ezikoleni kanye nezindaba zentsha. Imisebenzi yalo iyaphazamiseka kakhulu ngenxa yokunganikwa izimali ezenele. Kufanele singalibali ukuthi uMnyango wezobuciko namaSiko kanye nowezemidlalo nokuNgcebeleka yakhiwa isuka koweMfundo nezimali zalolu phiko zaya lapho. Kwathi-ke uma lolu phiko lubuyiswa alwabuya nesabelo salo. Kwadingeka ukuthi sizame ukulwabela ezimalini zeMfundo ezingenele njengoba namanje zingenele nakuba sikwazi ukuzikhulisa kancane kancane.

### ***Uhlelo Lukazwelonke Lokunikezela Ngokudla Ezikoleni: (Isabelo: R260 006 000)***

Isabelo zimali sokuphakelwa kokudla ezikoleni kuyakhula ngokohlelo ngesi-8,62% kulo nyaka wezimali. Siyethemba ukuthi ekugcineni siyokwazi ukubhekela zonke abahlwempu izikole.

### ***Uhlelo 3 – Isabelo Sezikole Ezizimele: (Isabelo:R48 702 000)***

Lesi sabelo salolu hlelo senyuke ngesi-5% kulo nyaka okuyinto eyejwayelekile.

### ***Uhlelo 4 – Isabelo Sezikole Zabakhubazekile: (Isabelo: R359 296 000)***

Isabelo zimali sezikole ezibhekana nezidingo ezihlukile senyuke ngama-21% ukuze kuzobhekana nokuntuleka kwalezi zikole esiFundazweni. Izinqalasisinda ziyahlelelwa ukuze kuzokwakhiwa lezi zikole. Ukuhlela nokuqoshwa kokwakhiwa kabusha kwezikole eziyisi-9 kanye nokuguqulwa kwezikole ezimbili ukuba zibe yizikole ezihlinzeka ngokugcwele sekusezingeni eliphambili kakhulu okusho ukuthi ukwakha kuzoqala maduze nje. Ukuhlela ukwakhiwa kwezikole zabakhubazekile ezintathu ezintsha ngonyaka wezimali wezi-2007/08 sekuqaliwe: Intuthuko eKwaHlabisa, Ukukhanya KoMsinga eMsinga kanye neThembimfundo eShowe zizoqedelwa ngonyaka wezimali wezi-2008/09.

### ***Uhlelo 5 – Imfundo Yamabanga Aphakeme Nokuqeqesha (Isabelo: R401 275 000)***

Lesi sabelo simbandakanya imali ehlelelwe ukuhlela kabusha kwamakolishi eyizi-R115 453 000. Ukwabiwa kwezimali okwengeziwe kuyafuneka khona kuzokwenziwa ubulungiswa esidingweni sokuqeqeshwa ngokwamakhono esifundazweni

## ***Uhlelo 6 – Imfundo Yabadala Eyisekelo Nokuqeqesha: (Isabelo: R106 968 000)***

Isabelo salolu hlelo asiwufaki umkhankaso kaMasifundisane ngoba sona sehliselwe ohlweni lwesi-8 ngokuhambisana nezidingo zomkhakha weMfundo. Uma sikhhipha uMasifundisane nesabelosakhe emfundweni yabadala isabelo sikhule ngezi-R37 038 000.

## ***Uhlelo 7 – Imfundo Yojahidada: (Isabelo: R167 697 000)***

Lolu hlelo lunezinhlledlwana ezimbili: Ibanga R ezikhungweni zomphakathi kanye nebanga R ezikoleni zomphakathi. Sizokwengeza amagumbi okufundela axhaswe ngokugcwele ayi-1655 ebanga R ezikoleni zamabanga aphansi. Okunye okwenziwe ngcono ukuthi wonke amagumbi ebanga R azothola izinsiza zenani le-R1500. Amaholo abafundisa leli banga azokwenyuka esuka e-R1500 eya e-R1750 ngenyanga kulo nyaka wezi-2007/08.

## ***Uhlelo 8 – Imisebenzi Yokwengezelela : (Isabelo: R330 005 000)***

Lolu hlelo lunezinhlledlwana ezintathu: Ezokuhlola- R215 237 000, Ezokukhokhelwa kwemisebenzi ye-SETA- R14 768 000 kanye noMasifundisane- R100 000 000.

# Isiphetho

Wonke umuntu okule Ndlu uzongivumela uma ngithi umsebenzi osezandleni zethu mkhulu kakhulu kepha impokophelo yokuqinisekisa ukusebenza kwezinga eliphezulu okunobuchule nobuqotho futhi siyobelesele okukamashaya ndawonye.

Siyazibophezela ekusebenzeni ngokukhulisa ulwazi lokwenza namndla okwenza koMnyango ukuze sizobhekana ngokwanelisayo nezidingo zemiphakathi esiyisebenzelayo eyahlukene eziguquguqukayo.

Ngifisa ukuthi kuleli thuba ngizwakalise ukubonga nginconoze kuwo wonke amalungu oMnyango weMfundo ngeminikelo yawo emikhulukazi ayenzile ngokuzinikela kwawo okungenamikhawulo nakugodla ekuguquleni isimi semfundo kulesi siFundaze. Mangibonge kakhulu ngenhliziyo yami yonke kuMhlonishwa uNdunankulu wesiFundazwe sakithi KwaZulu-Natali uCmde Sbu Ndebele; uMkhandlu Olawulayo, ikomidi leMfundo le-Portfolio namanye amakomidi isiShayamthetho sesiFundazwe ngokuseseka ngokomsebenzi ngokugcwele "Ekwenzeni iKwaZulu-Natali ifunde".

Ekuphetheni kwami ngithanda ukuqagula ngithi lesi sabelo zimali sizosivumela ukuthi sifinyelele emazingeni entuthuko esiyokwazi ukuwagcina eqhubeka. Sidinga ukufinyelela emiphumeleni yokufunda enohlonze senzele abafundi bethu, sifinyelele esimweni sokusebenzela esiyiso esivuna ukufunisa okunohlonze nothisha bethu nezinhlaka zikubeseka ezihambisananezidingo zabo eziyokwakha isisekelo sohlelo lwemfundo oluyilo. Inde futhi imazombe indlela esibhekene nayo phambi kwethu, ithi imazombe ibe yenyukela kepha kulesi siFundazwe SILUNGELE UKUGABAVULA ngosizo nokwesekwa yini Malungu Ahloniphekile.

Mhlonishwa Somlomo, ngivumele ngethule lesi Sabelozimali kule Ndlu.

***Ngiyabonga! Baie dankie! Enkosi! I Thank you!***